


INDLELA YOMPROFETHI

WEQINISO KANKULUNKULU

 Ngani, ukusa okuhle, bangane. Kuyikusa okuhle, lesikhathi esihle ukuba lapha. Ngiyathaba ukuba ngiphila lokhu kusa, lokuba lapha kanye lebandla njalo. Kulezinto ezinengi ezingenzakala ngesikhathi esinje esifitshane. Futhi kasikwazi ukuthi yisikhathi bani esizabizwa ngaso, ukuphendula, phezulu eMthethwandaba omkhulu. Futhi sifuna ukuba silungiselele loba siphisikhathi, ukuze sibe lokuthula.

² Futhi ngilokubonga sibili, njengoba ngitshilo. Yebo, ngangilapha ngeSonto ebusuku, futhi ngangikhuluma ebantwini... Ngatshumayela ngeSonto ebusuku, futhi ngifuna ukubonga uMfowethu Roberson, lonke lina elafonayo, ngokukholisa lowoMbiko wangeSonto ebusuku, “Silezinto zonke.” Futhi-ke ngi... Kwesinye isikhathi ngangingacabangi ukuthi ngangizakhuluma, ngehla phansi nje futhi ngakhangelana uMfowethu Neville. Umphimbo wakhe—wakhe wawungathi unjengebhungayezi phansi lapho. Ngacabanga, “Mfowethu ohawulayo, nxa engangibiza sibili lobubusuku, ngizakusiza, kumbe ngenze yonke into engingayenelisa.” Ngoba, ngiyakwazi ukuthi lokho kuyini, lapho udiniwe futhi utshe ilizwi, futhi wayetshumayele kalukhuni lokho kusa. Futhi-ke nga—ngamkhulumela ngeSonto ebusuku. Futhi-ke si—si... Ngiyalibonga, kakhulu.

³ Manje kulezicelo ezinengi, bayatsho, ezomkhuleko. Futhi-ke asibakhumbuleni, kuqala, zonke lezi zicelo. Asikhothamiseni amakhanda ethu manje.

⁴ Baba wethu oseZulwini, kulotshiwe ukuthi kufanele singene emibuthanweni Yakho ngokubonga phezu kwenhliziyo zethu, senze izicelo zethu zaziwe embuthanweni yabaNgcwele. Futhi sileziningi zazo, lokhu kusa, ezinengi kakhulu, okokuthi asikwazi ukuzibizela Kuwe ukuba uzinake, kodwa uyazazi. Kulezinengi okungakhulunywanga ngazo. Uyazazi, lazo. Ngakho, siyakhuleka ngenhliziyo zethu zonke, njengalokho senza ngeSonto edluleyo ebusuku ngoDade Shepherd, umntwana, kaMfowethu Shepherd. Khonale lapho phakathi e... Waphenduka, uMoya oNgcwele wathi, “Akala pholiyo. Uzakuba kahle.” Yikusuthiseka bani esilakho lapho sisizwa kuvela Kuwe.

⁵ Manje siyacela lokhu kusa ukuthi Uzakupha izicelo lezi ngemikhuhlane, ngekhaya elifelweyo, ngabathandekayo, lakho konke okukhuluniweyo, Baba. Siyakhuleka ukuthi

Uzakhumbula munye ngamunye. Futhi nginikela umkhuleko wami, lomkhuleko walaba bantu, phambi Kwakho; sibuthene ndawonye, futhi ithunyelwe Kuwe, eBizweni likaJesu Khristu. Sizwe, Baba, siyakhuleka. Ameni.

⁶ Ngifuna ukubonga munye ngamunye wenu lonke ngemikhuleko yenu kimi. Lapho ngi...Liyazi ngaba lokudubuka okuncinyane phansi endaweni yokudubulela phansi lapho. Futhi uSathane wazama ukungibulala. Futhi—futhi, ngoba, wayengeke akwenze. Huh-um. Hatshi. UNkulunkulu wayengakaqedi ngami lapho. Ngakho angeke akwenze kuze kube sokuphelile. Lapho uNkulunkulu eseqedile, khona-ke ngilungisele. Kodwa ngi...Umngane wami omuhle, uMfowethu Wood, phansi lapho, kuyizihawu nje zikaNkulunkulu, kumbe wayezabe efumene nje kusukela *lapha* kusiya phansi, futhi hatshi ukusukela *lapha* kusiya phezulu. Kwakuyikudubuka okuphose kube ngamathani amahlanu kumbe ayisithupha *kanjalo* duze lobuso bami, njengalokho. Akuzange kungilimaze lakancinyane. Bona? Kwadlepha ubuso bami kancinyane. Ngakho, lokho, awu, kakusekho konke manje, ichatha nje elilodwa elincinyane eliseleyo *lapho*.

⁷ Ngakho, ngifuna ukubonga uMfowethu loDade Dauch khona lapha. UMfowethu Brown, labanye, labo abazwisisa ngengxoxo yefoni ukuthi babuthana ndawonye, iqembu labantu, futhi bangikhulekela. Futhi lokho nje kungenye into, kwenza enye into kuwe. Uyazi, uyakhulekela abanye, lakho konke, futhi-ke lapho ufumana ukuthi omunye uyakukhulekela lapho uwufuna, lokho kutsho okunengi kakhulu. Futhi ngiyazi abanengi benu kalizange lifone, loba ini, kodwa lenza nje okufanayo. Futhi kutsho okunengi kakhulu kithi. Futhi yiso isizatho ngi...akuzange kungilimaze. UNkulunkulu wangenza ngaphila. Futhi ngilokubonga sibili.

⁸ Manje, ngilezaziso ngaphambi kokuba sibusise lababafo abancinyane. Manje, lobubusuku, kulenkonzu ethabhanekeli. Futhi lonke lina elibuya lapha ethabhanekeli, buyani khona enkonzweni lapha. Futhi-ke si...Ngizakuhulumela uMfowethu Ruddell, lobubusuku, phezulu lapha emgwaqweni omkhulu, omunye wabafowethu abavakatshileyo. Futhi-ke, masinya lapho ngiphenduka, nxa ngilobunye ubusuku, ngifuna ukuya kuMfowethu Junie Jackson. Khona-ke lowo mfowethu eSellersburg, simkweleda ubusuku phezulu lapho, futhi-ke sifuna ukuya phezulu ukuyambona. Futhi umfowethu ngale eUtica, singena kulobubusuku ngesingakwenelisa.

⁹ Liviki ngiyahamba eGreen Bay, Wisconsin, njengoba lisazi, emhlanganweni omkhulu weFull Gospel Business Men.

¹⁰ ISonto elandelayo, ngikuleso sikolo saphezulu, leso phezulu lapho, engangikiso isikhathi esedluleyo lapho. Ngiyakhohlwa ibizo leholu yaleso sikolo saphezulu. [Umzalwane uthi,

“Mather.”—Mhl.] Kuyini? [“Mather.”] Mather. Stephen Mather. Yebo. Kulungile. Iholu yesikolo saphezulu.

¹¹ Futhi-ke, ngoMvulo, ngisemhlanganweni omkhulu lapho engaphathela khona ingxoxo kanye lenhlanganiso yabatshumayeli eChicago, ngesikhathi esedluleyo lapho. Sikuleyo ndawo okomhlangano wokuvalelisa kuMfowethu Joseph Boze, oya eTanganyika. Tanganyika, ngiyakholwa ukubiza njalo. LeKenya, leDurban, futhi kusedlulisa ngalapho, besenza amalungiselelo omhlangano wami ozayo wekwindla; futhi eAfrica, futhi kudlulisela eSouth Africa. Futhi-ke siyalicela ukuthi lisikhumbule emkhulekweni kulimihlangano. Khona-ke besesiphenduka.

¹² Futhi kangikwazi lapho engimele ngibe lesikhathi sokukuthola khona, olunye usuku ethabhanekeli, kumbe hatshi, ngaphambi kokuba siye eNorth Carolina. Futhi khona-ke, kusukela lapho, kusiya eSouth Carolina. Futhi-ke yonke indlela kusiya eCow Palace eLos Angeles, eSouth Gate. Futhi yikho lapho engithemba ukufika khona futhi ngibone uMnu. Weatherby, lowo owenza umbhobho lowo uhlamvu lwadubukela phakathi.

¹³ Akazange abe legobolondo libiselwe ngemuva kakhulu, futhi wayekela uhlamvu lubuyela emuva kulokuthi luye phambili. Kwakungumbobho omdala engangiwuthumele kuye. Wayenza ukuthi ubhotshozwe, khona-ke, futhi wenziwa waba ngolunye uhlobo lombhobho owahlukileyo. Ngafaka uhlamvu kuwo, ngaphakama ukudubula, futhi wona, awu, kwavuthuza umbhobho amayadi angamatshumi amahlanu ngakimi, njenga *lokho*, wancibilika esandleni sami. Impompi yaphuma emzileni wamayadi angamatshumi amahlanu, ibhawudo labuyela lathi ngqe ngemuva kwekheji yendluzele, amatshumi amathathu, amatshumi amane ngemuva kwami, futhi imvava zencezu zaphapha futhi zaxezula amaxolo ezihlahleni lakho konke okunye. Ngakho *lokho* kwakuseduzane kakhulu lelihlo lami, phose nje i-intshi eyodwa, lapho okwaphuma khona njengalokho. Futhi nxa kwadubuka . . .

¹⁴ Futhi lowo mbhobho uyamela amaphawundi angamatshumi ayisithupha lesificamunwemunye amandla, ngokwawo, ingadubukanga. Ngakho ungacabanga ukuthi kunganani okwakukiyo, ukwenza lokho. Futhi khumbula, nxa kungadubula lokho, yayingabe yadubula ikhanda lami lamahlombe futhi, uyabona. Kodwa kwakuleNkosi imile lapho, engazange ikuvumele kungilimaze, kwangidlepha nje ebusweni. Futhi uvava oluncinyane lwaya ngaphansi kokubona kwelihlo lami, kwenza isigombolozu ekuzingelezeni ukubona, ngakho akuzange kuthinte ukubona, lapho uvava olwangena khona. Olunye ucezu olukhulu olwanamathela okhakhayini lwabhoda ngelihlo, alungenanga elihlweni, loba kunjalo. O, minabo!

15 Kungasikude, liyakhumbula, ngalitshela Wahlangana lami ekamelweni, futhi wathi, “Ungesabi, ngoba ukungehluleki koBukhona bukaJesu Khristu bulawe lanininini.” Bona? Bona? Ngakho lokho kuyakufakaza, ukuthi Unguye.

16 Udokotela owakhangela ilihlo lami eLouisville, wathi babhalela uDkt. Sam Adair phansi lapha, umngane wethu, futhi wathi, “Into kuphela engingayitsho, ukuthi iNkosi yayihlezi lapho lokho kusa lenceku Yakhe ukumvikela, kungenjalo wayengasoze asale lekhandla lamahlombe.” Ngakho, Wayelungile kakhulu kimi, futhi ngiyakuthakazelela lokho. Kungiletha eduzane kancinyane. Kuhlezi kusenza umahluko omncinyane.

17 Futhi-ke, insuku ezimbili emva kwalokho, insuku ezintathu, emva kokuba ngisiya emhlanganweni wami, lapho engangihlele khona eCanada, indoda, ingazange yazi lutho ngalokhu, wangifonela, futhi wasemisa umhlangano. Bona? Ngangizakuba ngisemgwaqweni phandle ngale, linto ingenzakalanga njengalokho. Bona? Futhi khona-ke wangifonela, futhi kufanele ngithathe umhlangano, umhlangano waseCanada. Futhi lokho kuzakuba ngoNtulikazi, amaviki okucina ngoNtulikazi. Khona-ke ngizakuya phansi eDawson Creek, khona-ke eAnchorage, Alaska, iNkosi ithanda.

18 Manje, akula ngitsho limihlangano engilokukhokhelelwa ukuya kiyu, ngitsho lowodwa. Kodwa angeke ngicabange ngokuhlala lapha lonke ihlobo, ngihlezi khona lapha, futhi abantu besifa yonke indawo. Kufanele ngihlanye iNhlanyelo, loba kungaphi, kungenani lokuthini. Nxa ingamili, nxa inyoni zemoyeni ziyithola, loba kuyini okuyikho, ngifuna ukuhlanyela iNhlanyelo, ngoba Wanginika ezokuhlanyela. Ngakho ngi-ngizakuhlanyela iNhlanyelo kungenani. Manje, silesikhathi lapha leso engi. . .

19 Abantu abanengi, lokho abakubiza, “ukubhaphathiza” ingane ezincinyane kukholo lwesiKhristu. Awu, lokho kulungile, nxa usenza lokho. Lokho kukuwe. Ngoba, kabababhaphathizi sibili. Bafafaza amanzi phezu kwabo. Kodwa, kimi, ngithanda ukuhlala lalokho nje iBhayibhili elathi ngikwenze. Ngakho-ke, lokho nje iLizwi elakutshoyo, yikho lokho engifuna ukukwenza, loba yini eLakutshoyo. Futhi, manje, a—angitholi ngitsho indawo eBhayibhili. . .

20 KuThestamente eliDala, baletha abantwana ukusokwa enyameni, abesilisa abancinyane, futhi umama wanikela umnikelo wokuhlambulula, amajubathendele amabili kumbe iwundlu.

21 Kodwa, kuThestamente eliTsha, indawo kuphela engingayithola esikhumbuzweni salinkonzo enkulu ye. . . Kwakuyikubusisa. Baletha insane kuJesu, futhi Wazibeka engalweni Zakhe futhi wazibusisa. Yikho lokho abazali

abakwenzayo bosuku Lwakhe. Futhi impilo Yakhe yayiyisibonelo salokho okufanele sikwenze. Bona? Lezi izinto Wazenza okomzekeliso.

²² Manje, sithatha nje abancinyane, futhi bayabaletha kithi, futhi siyabaphakamisela nje kuNkulunkulu, futhi sicele isibusiso sikaNkulunkulu phezu kwabo, futhi sikhuleke umkhuleko wokubusisa kumama lobaba, kuNkulunkulu, lapho beletha umntwana wabo. Futhi...kumbe sibabusise eBizweni likaJesu Khristu, baze babebadala okweneleyo ukubhaphathizwa eBizweni likaJesu Khristu. Futhi manje, Wathi, “Lobayini esikwenzayo ngelizwi kumbe ngesenzo, kwenzeni konke eBizweni likaJesu Khristu.” Ngakho—ngakho yikho lokho esifisa ukukwenza.

²³ Futhi manje, lapho udade ekhalisela phansi lingoma encinyane, dade, silayo lapha, *Baletheni Phakathi*. Futhi omama labobaba abalengane lezi ezincinyane ezingakaze zibusiswe eNkosini, nxa lingaziletha manje, lapho ibandla, sibahlabelela phansi manje, ihubo. Yebo.

Baletheni phakathi, baletheni phakathi,
Lethani abancinyane kuJesu.

²⁴ Ngiyabathanda lababafo abancinyane. Kulento ethile mayelana ngabo emnandi.

²⁵ Ngithemba lowu ngowase Italy sibili. Akasuye na? Kulungile. Imuli yase Italy, abalutshwane okufanele babusiswe. Dade omncinyane wase Italy lapha ovela, o, ovela eChicago, ulapha. Wathi, “Leyi imuli yase Italy, lokhu kusa, kodwa kangisoze ngitshumaye.”

²⁶ Ngubani ibizo lakhe? Jonathan David, kulibizo bani elihle! Manje, uJonathan. Wathi ubaba wakhe wa—wayelebizo lase Italy, futhi wayele...Ufuna umntwana wakhe anikwe ibizo leBhayibhili.

²⁷ Liyazi, kwakuloMtaliyani omkhulu eBhayibhilini, obizo nguKhoneliyasi, ngesinye isikhathi, liyazi. Wayeleqembu, futhi wayelungile, futhi wanika izipho ebantwini, lapho yena engoweZizwe, kunjalo. Liyayazi indaba. Futhi ngolunye usuku iNgilosi yabuya endlini yakhe, yamtshela ukuthi athumele indoda eyayisazi uhlelo lukaNkulunkulu. Futhi wa... Liyayazi indaba. Lapho, elalabo bantu ngenhlonipho ezinjalo kuNkulunkulu! “Lapho uPhetro esakhuluma lawaMazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo.” Kunjalo. Ngiyakhuleka lingane ibe ngumfanekiso ofanayo wendoda, ibizo elifanayo.

²⁸ Jonathan, kuhle! Ngiyamcela? Woza lapha, Jonathan. Minabo, isigaqa bani setshukela salimuli!

Asikhothamiseni amakhanda ethu.

²⁹ Baba wethu oseZulwini, iminyaka isiyedlule, njengendaba engiyicaphunileyo nje, yendoda enkulu ethiwa nguKhoneliyasi,

owayeyindoda enhle, elungileyo, ebhadala izipho lokuthanda uNkulunkulu. Futhi iNgilosi kaNkulunkulu yeza endlini yaleyondoda. O Nkulunkulu, sinikeza Kuwe, lokhu kusa, uJonathan David omncinyane. Ngiyakhuleka, Baba oseZulwini, ukuthi njengoba ngimthethe engalweni zikamama wakhe lobaba, labo abamletha Kuwe...Nginikela lumkhuleko wokubusisa okwempilo yalumntwana okwempilo yenkonzo Kuwe, isibusiso ekhaya, ilitshelokunyathela elikhulu eBandleni. Siphe khona, Baba. Nginika Kuwe uJonathan David omncinyane, eBizweni likaJesu Khristu. Ameni.

³⁰ UNkulunkulu akunike umusa Wakhe futhi asize ukumkhulisa ezixwayisweni zikaNkulunkulu.

Akubusise, Jonathan David.

³¹ Manje, lowu, minabo, usasemncane, kumbe ngabe eyinkazana? Umfana? Minabo, omunye umtshumayeli ozayo ngalapho, ngiyathemba. Ngubani ibizo? Micah. Micah. Ngikhuluma ngaye lokhu kusa. Micah Edward. Edward, lelo libizo elihle. Manje, umkami ubengenza lokhu ngcono kakhulu lapho kusiza ekumbambeni, ngoba ngihlezi ngisesaba ukuthi ngizabephula lapho bebancinyane. Bona? Kuyinto emnandi encinyane, wona amehlo amancinyane nje ethalaza. Umncinyane kakhulu. Umdala okunganani? Inyanga eyodwa ubudala.

Asikhothamiseni amakhanda ethu.

³² Baba oseZulwini, laba ababili abatsha njalo babuya phezulu lapha ukunikela Kuwe isithelo somanyano wabo sempilo Obanike yona, ukukhulisa ezixwayisweni zikaNkulunkulu. Busisa luMicah omncinyane. Nkulunkulu, ngiyakhuleka ukuthi Uzamenza abe yindoda enjengo Micah eBhayibhlini. Siphe khona, Baba. Mnike izibusiso zikaNkulunkulu. Busisa ubaba wakhe lomama, futhi umenze abe yikuhola lapha emhlabeni, ilitshelokunyathela elikhulu okwembangela kaKhristu. Futhi manje, sizwe, Baba, ngiletha Kuwe, kusuka engalweni zikababa lomama, kusiya engalweni zikaNkulunkulu, uMicah Edward omncinyane, eBizweni likaJesu Khristu. Ameni.

³³ Makuthi iNkosi imbusise, ilibusise, ubaba lomama, ukumkhulisa ezixwayisweni zikaNkulunkulu.

Ngiyakholwa yikho. [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.]

³⁴ O, ngiyabathanda nje bona abafu abancinyane, bonke nje. Ukuthi, munye ngamunye, uyingane enhle kakhulu emhlabeni. Akula sidingo nje. . . Ngesikhathi ngiletha uJoseph omncinyane ngekhlaha, lokho kwaku, ngeqiniso, umfo omubi kakhulu engingakaze ngimbone, kodwa umama wakhe lami sacabanga ukuthi wayengodoli. Kodwa yiyo indlela okuyiyo, liyazi. Yiyo i. . . Sicabanga lokho nje.

³⁵ Ngiyamangala, lokhu kusa, abanye bamalunga ethu lapha. Kwakule i—i...Manje, *leli* lihlo lilomuthi we-belladonna

phakathi kwalo, okulifiphalisayo kakhulu. Kodwa uDade Nash. . . Wabuza ngoMfowethu Nash; angazi nxa esesizwa kahle. U. . . Bengabe belapha? O, awu, yebo, ulapha. Dumisa iNkosi, Mfowethu Nash. Lokho, lokho kuhle.

³⁶ Manje, Dade Edwards, angabe elapha na? I. . . Kumbe, Dade Shepherd, owayelencinyane, inkazana egulayo, usesizwa kahle manje? Kuhle. Ngithole indaba, futhi into ibiyimizuzu emihlanu ngaze ngaba labantu, abevela phandle kwedolobho, okwengxoxiswano. Ngagijima ekamelweni futhi ngakhuleka, futhi bathi umntwana wayesebanjwa yipholiyo, ingalo lenyawo zaseziwoma. Futhi ngagijimela phakathi ukuyakhuleka, futhi ngathi, “Ngizakuba ngemva kwenkonzo.” Ngatshela uLoyce ukuthi afone njalo atshele ikhosikazi ukuthi ngizakuba ngilapho ngemva kwenkonzo; nxa wayengifuna, ukuthi angifonele. Futhi lapho ngingena ukuyakhuleka, uMoya wathi—wathi, “Akula pholiyo. Uzaphila.” Ngehla phansi, awu, sonke saba lomkhuleko lapha ebandleni. Lokho nje kwayiqeda indaba.

³⁷ [Udade uthi, “Mfowethu Branham?”—Mhl.] Yebo, mam. [“Sahamba kudokotela ngoMvulo, emva kokuba umkhulekele okokuqala, futhi zonke izihlabo esifubeni sakhe zasuka, zasuka emphinjeni wakhe.”] Dumisa iNkosi! Umkhuleko uyaguqula izinto.

Lithe, akakho lapha, lokhu kusa, yikho, umkhwenyana? Yebo.

³⁸ ISonto edluleyo, isikhathi esedluleyo ngitshumayela lapha, iSonto iviki, kwakulomfo omncinyane owayehlezi lapha; Ngaqhubeka ngimkhangele. Ngacabanga, “Ngifanele ngibemazi lowomfo.” Futhi ngafumana, wayeyindodana yalowo esasifunda esikolo sinye, uJim Poole. Ngani, sakhuliswa ndawonye, kusukela singabafana abancinyane, kusiya phezulu. Nguye lowo engaba lengozi laye yombhobho omncinyane, leso sikhathi, futhi khona-ke ngemvanyana waba lenye ngokwakhe, lomngane wami. Ngiyathemba ukuthi ngingakhokhelela lowo mfana kuKhristu. Ngazama uyise kanzima. Ngiyakholwa ngizakwenza, kusaselokho, ngizamngenisa phakathi. Ngiyathemba ngingakhokhela lowomfo omncinyane. Wayele. . . Ngamkhangele. Wayekhangeleka sengathi wayelenhle, lokho engikubiza khona manje (ungakukhulumi lokhu kuloba ngubani), kodwa, ukudikiza komoya wakhe, umuzwa omuhle. Ngiyakholwa akusoze kuthathe okunengi kakhulu ukukhokhela lowomfana kuKhristu. Ngakho asimkhulekeleni. Kunjalo.

³⁹ Futhi, mfowethu, bona, omunye umuntu wayegula, kumbe okunye, lokho engizama ukukucabanga.

⁴⁰ Kungenani, siyakhulekela bonke. Futhi lapho kwesinye isikhathi. . . Lapho uthumela isicelo, khumbula, masinya lapho ngisithola. . . Umkami usesakhiwini kwenye indawo, ngiyacabanga, ngakho uyakwazi. Masinya lapho ngithola

isicelo, khona kanye ekamelweni lami lasensitha, ngiyahamba emkhulekweni, futhi ngihlale lapho ngize ngizwe enye into. Kangikutshiyi nje.

⁴¹ Olunye usuku, lapho uSam, Dkt. Sam, ekhupha leyonto elihlweni lami, wayezama uku, futhi kwamzwise ubuhlungu kabi, wenza okokufaka ithawulo ebusweni bami. Wathi, “Angeke ngibone igazi lomngane wami.” Wathi...Futhi ngangigeze kilo, uyazi. Wathi—wathi, “Angeke nje ngenze lokho futhi ngisebenze kikho.” Bona? Futhi-ke wakudonsa lokho. Futhi usuku olulandelayo wayesesibhedlela. Ngakho ngamkhulekela, futhi waphuma ekahle.

⁴² Futhi-ke usuku olulandelayo, umkakhe, abazange babekwazi ngitsho lokho okwakukubi ngaye, bacabanga ukuthi wayebanjwa yipholiyo. Bona? Wathi, futhi wathi...Futhi wamkhulekela, futhi manje ungekhaya ephilile. Ngakho sangena ekamelweni, uDok...Sangena ewofisini, futhi wa...Savala umnyango, wathi, “Manje, Mfowethu Bill, ngizakubuza enye into.” Wathi, “Ungangikhulekela loBetty?”

Ngathi, “Wothi. Wothi sikhulekeni.”

⁴³ Ngakho, nguye iNkosi eyamtshengisa umbono, lapho okokwakha khona iklinika. Lina, liyayikhumbula indaba. Nxa ukuthandabuza, dlula ngalapho futhi umbuze kwesinye isikhathi. Yebo, wathi nje, “Vumela loba ngubani nje angene.” Wathi, “Ngikukhulume ebantwini abazinkulungwane ezilitshumi.”

⁴⁴ [Umfowethu uthi, “Mfowethu Branham?”—Mhl.] Yebo, mfowethu. [“Okwalabo lapha lokhu kusa futhi lokubeka ukhoho olunengi enhliziyweni yomunye: ISonto yePhasika ekuseni, wabizela umphefumulo oligugu lapha, owesithathu, okwakuyindoda. Wathi wayevela eSeymour. Futhi wathi, ngogcobo lukaMoya oNgcwele, ‘Bakubiza, “Bill.”’ Ngiyayazi indoda. Ngiyamazi kakuhle. Futhi emva kokuba sisuka lapha, ibizo lakhe nguIsaac. Bambiza ‘Bill.’”] Yebo, mnumzana. Bona?

⁴⁵ Ibizo lakhe langempela nguIsaac. [Umfowethu uthi, “Kunjalo.”—Mhl.] Kodwa bambiza Bill. [“Kunjalo.”]

⁴⁶ UMoya oNgcwele awenziphutha. Awuphosisi. Manje, lokhu, omunye wayekhuluma, wathi...Ngi—ngilamatshumi amahlanu lantathu, futhi lamatshu...phose iminyaka engamatshumi amathathu lanye, ebengingemuva kwephuluphithi, futhi ngiMbone kumatshumi ezinkulungwane zezinto.

⁴⁷ Izolo, ngangiphansi, khonale phansi, eningizimu yaseKentucky, khona emngceleni waseTennessee, futhi ngangihlezi esikepeni loMfowethu Daulton, lowo iNkosi eyamnika bonke abantwana bakhe. Liyakhumbula ekuseni lapha, lapho eqala ukuphuma. Futhi wathi, “Mfowethu Branham,” wathi, “Ngithemba kuzakuba nzima kuwe ukulinganisa.”

48 Ngathi, “O, Mfowethu Daulton, amatshumi ezinkulungwane aphindwe ngamatshumi ezinkulungwane ezinto njengalezo.”

Wathi, “Kungani ungazami ukubhala ibhuku” (Ngathi. . .) “ngakho?”

49 Ngathi, “O, minabo, Mfowethu Daulton, kunga—kunga hamba ngale kwalesi sikepe lapha, i-insayiklopediya, inqwaba nje zamabhuku yalokhu engikubone iNkosi ikwenza. Futhi akula lesikhathi esisodwa Ake wehluleka, bona, ngitsho lesikhathi esisodwa; kodwa, kuphelele isikhathi ngasinye.”

50 Ngiyabona, ngiyakholwa manje, nxa ngingaphambanisekanga, inkazana kaMfowethu Shepherd, elesigqoko esikhangeleka sengathi lithanga. Ngicabanga lokho. Ngama ngakuye, ngokunye ukusa. Wayehamba esehla, futhi ngacabanga ngingathwala inkazana engayisiyo, ngakho ngahamba. Ngakho kwakuyimi owamayo, dade. Nga—ngacabanga ukuthi kwakuyinkazana kaMfowethu Shepherd, futhi ngingamthwala, ngoba ngacabanga mhlawumbe imota yakhe ingabe ifile kumbe enye into. Sasihamba, ukuyathatha uBecky. Futhi nga—ngacabanga ukuthi kungaba yinkazana engayisiyo. Kodwa manje ngimbone ehlezi labo lapho, ngakho ngi—ngiyakholwa kwakuyinkazana eyiyo. Ngakho kwakuyimi owamayo lapho futhi—ke ngasuka ngahamba.

51 Ngakho, umuntu wonke uyathanda iNkosi uJesu? O, kuyamangalisa! Lokho kuhle nje futhi kulungile. Amen.

52 [UMfowethu Neville uthi, “UMfowethu Willard usanda kungena.”—Mhl.] Awu, Mfowethu Willard, siyathokoza nje ukuba lawe phakathi. Futhi ukhangeleka umuhle kakhulu, futhi, ubuhle engikubona ngabo. Sobabili singazathi siyi-hamburger, ebusweni. Ngikhangeleka sengathi ngitshaywe ngayo egwala isandla. Futhi ngabona uMfowethu Willard lobobusuku, lapho elele, futhi qiniso lonke, wayekhangeleka esesabeka. Kodwa ukhangeleka umuhle sibili lokhu kusa. Futhi sinika ukubonga lodumo kuNkulunkulu ngakho, mfowethu. Amen. Yebo. Uyazi, udeveli angeke asibulale uNkulunkulu aze athi, “Woza.” Khona-ke sifuna ukuhamba, akunjalo na, Mfowethu Willard? Kunjalo. Kuze kube yilesi sikhathi uyazama nje ngeze. Yikho kuphela. INkosi uJesu ulusizo lwethu futhi lesiphaphelo sethu.

53 Manje lapha ngikhuluma ngalapha, lapho ngiphosa ukuba lamahola ayisithupha okutshumayela lokhu kusa. Bona? Nje. . . Manje, asizange sazise, asithumelanga amatikiti, lezinto, ngoba ngasengevele ngamemezela angisoze ngibe lapha. Kodwa, ukuza phansi nje lokusiza uMfowethu Neville, lokuthi ngilibone lonke njalo, futhi lokuba lesikhathi esincinyane sobudlelwano.

54 Futhi ubusuku bangeSonto obedluleyo, uMfowethu Roy Roberson, angazi ukuba uphakathi lapha, kumbe hatshi.

Angenelisi ukubona okwaneleyo ukuthi ulapha. Wangifonela, engitshela ngoMbiko.

⁵⁵ Futhi omunye umuntu wafona, wathi, “Bengimangala lapho ukhuluma ngokuthi ‘UNkulunkulu wasipha zonke izinto.’” Bona? Wakwenza. Wasinika impilo. Zama ukuyithenga. Wasinika uthando. Zama ukuluthenga. Wasinika intokozo. Zama ukuyithenga. Wasinika ukuthula. Zama ukukuthenga. Akulandlela yokukuthenga. Awungeke ukuthenge.

Ngakho-ke ngathi, “Wasinika ukufa.”

Omunye wafona, wathi, “Mtshumayeli, ngamangala lapho owawusiyakhona lalokho.” Wathi, “Ngacabanga, ‘Uh-oh, lapha uMfowethu Branham uzibophile lesi sikhathi.’” Hatshi lapho iBhayibhili lisitsho njalo. Bona? IBhayibhili lathi Wasinika ukufa.

⁵⁶ Manje, kuyini esingakwenza ngokufa? Liyazi, uPhawuli esiza ekufeni, wathi, “O kufa, lungaphi udonsi lwakho?” Ukufa akusibusi. Siyakubusa. Kulungile. Izinto zonke zinikezwe kithi.

⁵⁷ Futhi-ke nganika umzekeliso wokuthi kanjani uIsrayeli, bematsha besiya elizweni lesithembiso, babengakaze balibone lelo lizwe. Babengazi lutho ngalo. Babelesithembiso nje sikaNkulunkulu, kwakulelizwe, futhi laligewele ngochago loluju, lenhle, futhi—futhi lendawo enkulu. Futhi kwaku... Babengakaze bayibone. Akula muntu owake waba lapho, bengazilutho ngalo. Kodwa babelesithembiso sayo. Futhi ngokholo bahamba enkangala.

⁵⁸ Futhi lapho befika khona emzileni womngcele, babeleqhawe lapho obizo ngu*Joshuwa*, okutsho ukuthi, “Jehova Msindisi.” Ngakho wachapha iJordani, engena elizweni lesithembiso, futhi waletha ubufakazi ukuthi ilizwe lalikhona. Ngiyakuthanda lokho. Futhi kwakulilizwe elihle. Amadoda amabili athwala isixha esisodwa samagilebisi. Kwakulilizwe elihle, ngakho waletha ubufakazi ukuthi ilizwe ababesiya lithumba lalikhona.

⁵⁹ Manje, kulo iBandleni, siyahamba eLizweni lokungafi, iLizwe lapho okungelakufa, iLizwe lapho abafileyo bayavuswa. Futhi saba loMsindisi omkhulu esihonqweni sethu. U*Jesu* kutsho “Jehova Msindisi,” Othandekayo. Futhi Wachapha iJordani lokufa, wangena kwelinye iLizwe, futhi waphenduka, futhi waletha ubufakazi ukuthi siyaphila emva kokufa. Amen. Ngakho kungaphi ukufa?

⁶⁰ Futhi-ke Wasinika izinto zonke. “Manje silesibambiso selifa lethu. Okokuthi...” Manje lalélisisani. Futhi kangitshumayeli ngaleso sifundo, kodwa nje kuzwakala kukuhle kimi manje. Bona? Ukuthi, silesibambiso salokho. Ngoba, ngolunye usuku sahamba esonweni; futhi emva kokubhaphathizwa eBizweni Lakhe, futhi savuka Laye ekuvukeni, sikhutshiwe esonweni, singasaphindi futhi sifune ukubuyela emuva njalo. Bona? Sivusiwe esonweni, lobufakazi esilabo. Sivele sesisekuvusweni

kukho konke ukufa. Bona? Nxa singaphakama sisuke esonweni, ngokholo Kuye; futhi kulesono, ngubani ongafuna ukubuyela emabhimu engcekeza esono njalo? Bona? Sedlule ekufeni saya ekuPhileni. Bona? Futhi yiso isibambiso. Amen. Yiso isibambiso sokuvuswa okupheleleyo. Ukufa konke, enyameni lasemoyeni, sesivele sanqoba ukufa kukamoya, ngoba sedlule ekufeni saya ekuPhileni.

⁶¹ Futhi njengo Elija wehla phansi eJordani ngolunye usuku, futhi walitshaya, eloElisha, njalo lwavuleka, futhi wachapha phetsheya. Waphenduka lesabelo esiphindwe kabili.

⁶² Futhi lapho sitshaya iJordani, kanye loKhristu, silesabelo esisodwa, kodwa lapho siphenduka, siphenduka lezabelo ezimbili. SileMpilo elaPhakade, ukuvuka esonweni, manje, ekulungeni ngoMoya oNgcwele. Futhi-ke ekubuyeni, loKhristu, siyaphenduka lakho konke ukuvuka komzimba, futhi sesivele silokuvuka kukamoya. Sile sabelo sakho esiphindwe kabili. Kuhlezi kungumfanekiso kaKhristu leBandla: uElisha loElija.

⁶³ O, angifuni ukuqalisa kulokho. Minabo, minabo, minabo, asingeke sifike kuluMbiko wamahola ayisithupha lapha. [UMfowethu Neville uthi, “Inyama isasethanjeni, lakhathesi.”—Mhl.] Yebo. Minabo! “Inyama isasethanjeni,” Mfowethu Neville. Lokhe siyixhanxatha. O, alithokozi na? Bona? Kasila . . .

⁶⁴ Kakusela okuhluphayo futhi. Ukufa akusilutho. Silakho. Kungokwethu. Akungeke kungibuse. Ngiyakubusa. Njani? Ngaye Yena Owangenza umqobi, ngoba sengivele nganqoba ukufa. Ngakwenza njani? Ngokukholwa Kuye. Bona? Ukufa kusesonweni, ukungakholwa. Kangisuye ongakholwayo. Ngilikholwa. Ngivuke kuleyonto, ngivukile. Yisibambiso sayo yonke inyama yami egcweleyo, ukuvuka kukamoya, yonke into. Yebo, mnumzana. Liyakubamba? Ngakho silokufa ngaphansi kwamandla ethu, ngoJesu Khristu Owanqoba ukufa, isihogo, ingwaba, umkhuhlane, usizi, lakho konke okunye, wanqoba konke.

⁶⁵ Futhi manje sivuke Laye, sihlezi ezindaweni zaseZulwini, sikhuluma ngokomoya, kuKhristu Jesu, lezinto zonke ngaphansi kwenyawo zethu. Lokuvuka kwenyama kungaphansi kwenyawo zethu, ngoba sikuKhristu. Liya—liyakubamba? Nxa likubamba, phakamisani izandla zenu. Amen. Lokho kuhle. Ingqe likubamba, lokho kuhle. Bona? Lingavumeli. . . Manje qhubekani likugcina engqondweni zenu. Bona? “Sedlule ekufeni saya ekuPhileni,” ngokwenyama, okomoya, yonke indlela.

⁶⁶ Layo yonke into, lezinto zonke, zingezethu manje. Ngani, umhlaba phandle lapha uthi siyahlangana, kanti umhlaba wonke ungowethu. Uzalithatha kanjani ilifa lawo?

⁶⁷ Lapho, njengoba ngikhulumile, uAbrahama, bona, wayeselizweni lesithembiso; uNkulunkulu walinika kuye. ULothi wathathwa yizihlubuki izigebenga, wahanjiswa

khatshana. Lowo kwakumgumzukulule wakhe. Kulungile. Yonke into eyayikulelolizwe yayingeka Abrahama. Ngakho, wayengayisilo iqhawe. Akazange alwe. Wayengela ngitsho amaqhawe ayelaye. Wayelezisebenzi ezithile. Kodwa lapho ebona ukuthi enye into, udeveli, wayebuye futhi wamphanga enye into eyayiyisithembiso kuye, wahlomisa inceku zakhe futhi wathatha isikhali ngokwakhe. Wayengazi ukuthi wayezakunqoba kanjani lonke leliqembu lamakhosi. Izisebenzi eziyingcosana nje, kodwa uNkulunkulu wamtshela ukuthi akwenze njani. Wazehlukanisa, futhi wabulala amakhosi, futhi waphenduka enqobile. Ngani? Wabeka ukholo lwakhe phezu kwesithembiso sikaNkulunkulu ukuthi into yonke elizweni lelo yayingleyakhe, futhi uLothi wayeyingxenywe yakho, kunjalo, wayeyingxenywe yelizwe. O, minabo!

⁶⁸ Futhi lapho wahlangana loMelikhizedeki, emva impi isiphelile. Lalingambona nje uAbrahama esiza phezulu emgwaqweni? Kazange abekwazi ukuthi wayeliqhawe, kodwa wabakwazi lesosikhathi ukuthi wayeyilo. Yebo, mnumzana. Futhi wahlangana laLowo Owapha isithembiso, uMelikhizedeki.

⁶⁹ Manje asibaleni okuvela eBhukwini likaAmosi. Ngizakhuluma lokhu kusa; hatshi amahola ayisithupha, lobakunjalo. Ngithemba akunjalo. Bona? Ngesi—ngesifundo, sokuthi, *Indlela YoMprofethi WeQiniso*. Futhi lobubusuku, iNkosi ithanda, ngizakhuluma phezu kokuthi, *UkuKhupha UMfutho*, futhi-ke i—iNkosi ithanda.

⁷⁰ Manje, ngaziwa ngokuba ngumchothozi, kodwa a—a—angisuye angichothozi, into kuphela engalunganga. Kodwa mina, thina, kufanele sichothoze okungalunganga.

⁷¹ Manje, nxa lingavula amarekhoda enu khona manje, ekamelweni, ngani, kulungile. Ngifuna ukubala manje kuAmosi, isahluko 3. Kumbe i . . . Yebo. Isahluko 3 sikaAmosi, ingxenywe yakho nje, uAmosi 3:

Zwanini lelizwi iNkosi elikhulume imelene lani, O bantwana bakoIsrayeli, imelene lesizwe sonke eNgasikhupha elizweni leGibhithe, isithi,

Yini kuphela eNgilaziyo ezizweni zonke zomhlaba: ngakho-ke Ngizalijezisa ngenxa . . . yobubi benu.

Ababili bangahamba kanyekanye, uba bengavumelananga yini?

Isilwane singabhonga ehlabathini, singabambanga lutho yini? ibhongo lesilwane libhonge ebhalwini lwaso singelalutho yini?

Inyoni ingawela emjibileni emhlabeni, lapho engathiywanga khona yini? umjibila ungathanya emhlabathini, futhi ungabambanga lutho yini?

Uphondo lungavuthelwa emzini abantu bengethuki yini? umuzi ungehlelwa ngokubi, futhi iNkosi ingakuvumelanga?

Isibili iNkosi...kayenzi lutho, kodwa iyembula imfihlo zayo kunceku zayo abaprofethi.

Isilwane sibhongile, ngubani ongayi kwesaba? iNkosi uNKULUNKULU isikhulumile ngubani ongayikuprofetha?

⁷² Amehlo akhe kufanele ancipha, lapho esima lokho kusa oqaqeni nje ngale kwedolobho leSamariya. ngiyabona izandla zakhe ezihlalisekileyo lapho ziphulula indevu zakhe ezimpunga. Ilanga elitshisayo likhazimula phansi. Wayengakhangisi kangako ukumkhangela. Wahluke kanganani kumvangeli wesimanje salamuhla! Izigqoko zakhe zazingamadabudabu; indevu ezikhangeleka zimahlilikilili. Futhi wakhangele phansi phezu kwalelodolobho leSamariya, amehlo akhe encipha lapho ekhangele. Wayengakhangeleki kangako, kodwa wayelo ITSHO KANJE INKOSI kulesosizwe.

⁷³ Kwakunjalo, mhlawumbe, okwahluke kakhulu kulumkhankaso ozayo, lowo iNkosi eyayimthumele wona eSamariya, kulalokho abavangeli bethu besimanje abangayikho. Wayengahlomanga okwemvuselelo enjalo, njengalokho singakucabanga ukuba abeyikho lamuhla. Kodwa khumbula, wayengasuye mvangeli wesimanje. Wayengumprofethi. Kazange abe lendaba ngezinto zesimanje. Wayelo ITSHO KANJE INKOSI.

⁷⁴ Akazange abe lendaba ukuthi wayekhangeleka njani, lokuthi wayegqoke okwesimanje okunjani, loba inwele zakhe zazikanywe kuhle, kumbe loba ukhona owayemkhangele kumbe hatshi. WayeleLizwi leNkosi. Leyo kwakuyinjongo yakhe egcweleyo: ukuletha leloLizwi leNkosi. Wayengubani lumfo? Yebo. KwakunguAmosi, umprofethi, umuntu omahlilikilili, kodwa wayekwazi lapho ayemi khona. Wayekwazi lokho ayekwenza. Wayengumprofethi weqiniso weLizwi. Futhi isizatho wayeze kulelidolobho, kwakungenxa yokuthi iLizwi lalibuye kuye.

⁷⁵ Futhi lapho iLizwi leNkosi lisiza encekwini yeqiniso, kumele ahambe, kungenani lezimilo, kumbe kungenani lobunzima. Kumele ahambe, kungenani. Loba ulungiselele, loba uzwa njengakho, loba uyafuna ukukwenza, loba kungaba yini okunye; kumele ahambe, kungenani. NguNkulunkulu okhulumayo, futhi kumele athwale luMbiko. Ngoba, u...Akahambeli buwula. Akahambeli mali. Akahambeli dumo. Uhamba kuphela eBizweni leNkosi, okwento eyodwa. Ulo—lomsebenzi, futhi uthuywe yiNkosi. Futhi uyiLizwi likaNkulunkulu, ngoba uthwele iLizwi leNkosi. Lowo ngumprofethi weqiniso weNkosi.

Isifundo sami ngesokuthi: *INdlela YoMprofethi weQiniso KaNkulunkulu.*

⁷⁶ Lowu omkhulu, umuntu kaNkulunkulu ongesabiyo waprofetha ngezinsuku zikaJerobhowami wesibili. Ngilengxenywe yembali yakhe elotshwe lapha phambi kwami. Waprofetha phose iminyaka elitshumi lantathu yomkhankaso wakhe. Futhi uJerobhowami waye, uJerobhowami wesibili, wayengathi nje ukhaliphile lendoda enelisayo njengo Israyeli ayelakho okwesikhathi esithile. Wayeyindoda eyayilethe impumelelo kuIsrayeli. UIsrayeli wayephumelela kukho konke. Kodwa, yena, kwakulenywe into engalunganga ngaye. Wayekhonzazithombe.

⁷⁷ Futhi ngangangathi ngiyabala lokhu, ngolunye usuku, ngangathi ngiyacabanga ukuthi lokho kwakungenelana kakuhle lalamuhla. Akulandaba ukuthi umuntu ukhaliphe okunganani, lokuthi angenza okunganani, lokuthi uphumelele okunganani, nxa esuka kuNkulunkulu, ungumthwalo esizweni, khatshana loNkulunkulu leLizwi Lakhe. Angazi uba kungasifanelanga, lamuhla, komunye othanda ukuhlala kuthelevizhini futhi atshengise ukuthi uhlakaniphe okunganani, balobuchopho obunganani. Kodwa angazi uba belokweneleyo ukuthatha u ITSHO KANJE INKOSI. Wayeyindoda ekhaliphileyo, kulungile.

⁷⁸ UIsrael wayesesimweni sokuhlehlela emuva. Abatshumayeli bakhe, abapristi bakhe, futhi lohulumende wakhe, bonke babetshiye iLizwi leNkosi. Manje, abazange bakukholwe lokho. Bakholwa ukuthi babeleLizwi leNkosi. “Kodwa kulendlela ekhangeleka ilungile emuntwini, kodwa isiphetho sayo kuyindlela yokufa.” Kungani babephambukile? Kungani umuntu wayengakholwa ukuthi—ukuthi—ukuthi babephambukile? Ubupristi bonke bamadoda, izinkulungwane zabatshumayeli labapristi, lamakhosi lababusi, bonke ababezitsho ukuba ngabakhonzi bakaNkulunkulu, futhi, kunjalo, bonke babo babephambukile.

⁷⁹ Khona-ke, babengadingi inkosi okwempumelelo. Lokho ababekudinga kwakungumprofethi, ngoba iLizwi leNkosi, kumbe ingcazelo yeLizwi leNkosi, ibuya kumprofethi weqiniso. Kwesinye isikhathi ungabona lokho indlela yakhe eyikho khona. Yindlela emahlikihliki sibili, lapho bonke abapristi, labo bonke abatshumayeli, la—la—labonke ababhulayo, futhi—futhi uhulumende ngokwakhe emelene laye. Kodwa, kunjalo, iLizwi leNkosi liza kumprofethi, futhi lokho kuphela. UleLizwi eliqondileyo. Loba wayeleBhayibhili elifanayo lababelalo, kodwa iLizwi lalikusye. UNkulunkulu wayeqinisa ukuthi wayeleLizwi.

⁸⁰ Babelezakhiwo ezinkulu futhi lenhlelo zenkolo, lokunjalo, lokho abake babalako, ama-altare eyakhiwe ndawo zonke, le—lenhlobo zonke ze—zezinto, kodwa kunjalo babekude okwamamayila ayizigidi eLizwini likaNkulunkulu.

⁸¹ Ngiyacabanga, ngokwami, umfanekiso ungangenelana kuhle kakhulu lamuhla, njengoba ngibale leliBhuku likaAmosi. Kumele lilibale lapho lisiya ngekhaya. Wonke uhulumende, abapristi, bonke babetshiye iLizwi likaNkulunkulu.

⁸² Ngingathanda nje ukubala esinye isabelo soMbhalo lapha, ngile, ukutshengisa lapho ababekwenze khona. Manje kasibaleni isahluko 2 lendima 4, okomzuzu nje.

Itsho kanje iNKOSI; Ngenxa yeziphambeko ezintathu zikaJuda, langenxa yezine, kangiyi kuphambula isijeziso; ngoba baweyisile umthetho weNKOSI, . . .

⁸³ YiLizwi, baLidelela, futhi kanti babecabanga ukuthi babeLalo.

. . . futhi kabagcinanga imlayo yami, lamanga abo abababangele ukuphambuka, . . .

⁸⁴ Manje, babeleLizwi, iBhayibhili, kodwa amanga ababewahlanganise Lalo ayebabangele ukuphambuka.

. . . emva . . . oyise abawalandelayo:

⁸⁵ Bona isizatho? Manje, babephambukile ngenxa yokuthi babebeke ukuchasisa kwabo kumbe ingcazelo eLizwini. Futhi ngicabange ukuthi bekuhambelana lokwalamuhla, njengabanengi befuna ukufaka umqondo wabo uqobo eLizwini, futhi singena emahlilikilini. Yikukhalimela bani okuvela kuNkulunkulu, lumprofethi ayelakho.

⁸⁶ Manje, uAmosi wayengumprofethi kaNkulunkulu, umprofethi weqiniso. Loba ngubani obala ngoAmosi uyakwazi isibindi saleyondoda engesabiyo kaNkulunkulu. Ubalwa njengomunye wabaprofethi abancinyane, ngoba kazange ahlale okwesikhathi eside, kodwa ngeqiniso wabeka ihloka empandeni zesihlahla. Wayengomunye wabangesabiyo wabaprofethi, futhi wabuya loqobo. Wabuya lo ITSHO KANJE INKOSI. Wayekwazi lokho ayekhuluma ngakho, ngoba ugcobo lukaNkulunkulu lwaluphezu kwakhe ukuletha ingcazelo eqondileyo eLizwini likaNkulunkulu kubo.

⁸⁷ UAmosi wavela emaphandleni, enkangala, esiza edolobheni elikhangayo. Wayengakaze abe lapho ngaphambili. Wayengumfana wasemakhaya, khonale ngemuva enkangala. Lapho esasengemuva lapho emkhulekweni, uNkulunkulu wayehlangane laye, futhi wayemtshele ngobubi balesisizwe esikhangayo ayeyingxenye yaso. Futhi iSamarिया yayiyisigodlo, esinye sezigodlo ngalesosikhathi, lokubusa kukaJerobhowamu.

⁸⁸ Futhi lapho esima lapho lokho kusa, ngaphezu koqaqa, engena phakathi egqoke izigqoko zakhe ezindala, ezingalungiswanga kuhle, egqoke izigqoko zemakhaya, mhlawumbe uthuli lodaka enyaweni zakhe, futhi lapho ayelele khona kuleso sembatho esimahlilikhiki, ubusuku lobusuku. Futhi angikwazi, wayengela mabhavu okugezela kulezo

nsuku. Kungabe kube zinsuku ezinlutshwane engagezanga. Kodwa lokho akulimazi ingaphakathi yomuntu. Okunengi kakhulu, usuku, ugqoke okwangaphandle, kungela okweneleyo okwangaphakathi. Siyakhathazeka kakhulu mayelana ngokuba sigezile usuku ngosuku, futhi inwele zethu zicecisiwe lezigqoko zethu zintshintshiwe, lakho konke, futhi-ke siyekele ingaphakathi ihambe loba ngaphi, igqoke izambatho ezifanayo ezindala ezigcwele izono, zinukisa umphefumulo ngezivumokholo lezimfundiso zabantu, futhi bengakuhloli futhi bawugeze eLizwini lamanzi okwehlukana, ezintweni zomhlaba.

⁸⁹ Lapho esima lokho kusa, ekhangele ngaphetsheya koqaqa, kulelodobho elikhangayo, ligcwele izinto zesimanje ayengakaze aphuphe ukuba kwakulento enjalo. UIsrayeli wayesekuphakameni kwakhe. Wayephakathi kokumanyana lezinye zonke izizwe eziyigombolozelayo. Bebukhazikhazi sibili, abafazi begqoke okwamagama, la—lamadoda. Futhi babephathekile ngentokozo, besenza imijaho yokugijima, lemidlalo yama olimpiki, lakho konke kusenzakala. Akumangalisi amehlo akhe ancipha; hatshi ngobukhazikhazi bedolobho, njenga lokho isivakatshi esingakwenza, sisiza eNew York, kumbe eLos Angeles, sibona abafazi abagqoke okungaphelelanga, amadoda beqhubeka, futhi isono.

⁹⁰ Abanye abangane bami, insuku ezinlutshwana ezedluleyo, babevela ohambweni lokugola inhlanzi, phansi nje kwekolitshi yeBhayibhili eyenkulu, ikolitshi edumileyo yeBhayibhili. Futhi lapho, kulele endleleni, phakathi kokhula, kwakungamankazana amancinyane, egqoke okungaphelelanga, labafana abancinyane, mhlawumbe abafundi abavela ekolitshini, benatha lokuqhubeka, kubi.

⁹¹ Manje, ukuqhubeka okunjengalokho kuqumbaqumba ukulangatha kwamaMelika amanengi abazithi ngamaKhristu. Lapho bekhangelela phansi eLos Angeles, kumbe ngabakhangelela endizamtshineni lapho singena eLos Angeles; bengakaze babe lapho phambilini; kumbe eHollywood, kumbe—kumbe eFlorida kanye lezinkanyiso zamagetsi phezu kwe—kwezihlahla zephalumi. O, babephonza amakhala abo kakutsha, futhi besebezipenda ubuso. Babe...bacabanga ukuthi kwakuyinto ebukhazikhazi kakhulu abangakaze bayibone. Futhi ubona abazicecise kahle futhi bagqoka behamba esitaladeni, babefuna ukuphuma phandle lapho futhi babone ukuthi babengagqoka kanjani impahla zabo, kumbe bazitshile phezulu laphansi ezitaladeni. Lapho, becabanga ukuthi lokho kuyinto emangalisayo.

⁹² Kodwa lawomehlo agcotshwe nguNkulunkulu alowomprofethi akazange anciphe ngenxa yobukhazikhazi, njengezivakatshi, kodwa ngembeko ebolileyo, ebantwini ababizwa ukuba ngababusiweyo bakaNkulunkulu. Amehlo

akhe awazange akhangele ebukhazikhazini. Akazange anciphe ngenxa yobukhazikhazi. Kwakungenxa yoku—ku—kuswela ubuntu lokubola kwabantu ababekhethwe nguNkulunkulu, futhi besenza ngendlela enjengaleyo. Ngiyamangala, wathi, “Isilwane siyabhonga, ngubani ongayikwesaba? UNkulunkulu ukhulumile, futhi ngubani ongayikuprofetha?”

⁹³ Wabona ukubola, ukonakala. Yikho ayekukhangele. Yikho lapho abona konke lokho. Akuzange kumkhange. Kwamgulisa emphefumulweni wakhe. Ngani? Wayengumprofethi. Wayesazi lokho uNkulunkulu ayethembise ukukubusisa, lokuthi isibusiso sasiyini, lokuthi abantu benza njani ngesibusiso. Futhi udeveli uphambukisile osukwini lwakhe, ekubeni isibusiso seqiniso sasiyini, ku—ku—kusiya kumbeko ebolileyo; isibusiso sokuthabisa amehlo lokukhwabitha kwabantu abangaphendukanga, ngentando lendlela kaNkulunkulu, lendlela kaNkulunkulu yokuphila.

⁹⁴ Kuyafanana okunganani lalamuhla! Ukuthi abatshumayeli bama kanjani kuphuluphithi, futhi bekhangele isono lokubola kwalumhlaba, futhi babone abantu abenza lokwenza ngendlela abenza ngayo, futhi-ke bababusise nje ngoba balilunga lebandla labo, kumbe inhlanganiso yesonto, kwedlula umphefumulo wami ongakuzwisisa.

⁹⁵ Lapho uNkulunkulu ekhuluma, profetha! Nxa uMoya kaNkulunkulu utshaya umprofethi weqiniso kaNkulunkulu, uzamemeza ngeLizwi. Angifuni ukuchotohoza, kodwa ngubani ongathula? Ngubani ongama ekhangele into enjalo, futhi ezitsho ukuba yinceku kaKhristu, futhi engakukhalimeli? Angilandaba ukuthi inhlanganiso yesonto ingathini, kumbe loba liphi ibandla lingathini; yiso isizatho ngingayisibo wabo. Bangakukhahlelela phandle, into yokuqala. Kodwa iLizwi likaNkulunkulu libuya kuqala. Nxa uyisithunywa, ulento yokukhuluma. Nxa ukhuluma loba yini ephikisana laleliLizwi, awusosithunywa esivela kuNkulunkulu; uyisithunywa sesivumelwano senye inhlanganiso yesonto kumbe umbono othile. Kodwa isithunywa sikaNkulunkulu sileLizwi likaNkulunkulu.

⁹⁶ Futhi umngane wethu, lokhu kusa, lapho simkhangele, wayeleLizwi likaNkulunkulu, ngoba wayengumprofethi weqiniso weNkosi.

⁹⁷ Manje, babecabanga ukuthi babe le—lengcazelo kikho, futhi bacabanga, “Awu, sibili, khangele lokho esikwenzayo.”

⁹⁸ Manje, into yakho yikuthi, silaye emile lapho esiqongweni soqaqa lokhu kusa, ekhangele, phansi edolobheni. Enyikinya ikhanda lakhe, ekhangele; amehlo akhe encipha. Ethatha umkhono wakhe futhi ehlikihla isithukuthuku ebusweni bakhe, lothuli. Ilanga elitshisayo likhanya phezu kwekhanda lakhe elilempabanga. Indevu zakhe zilengele phansi; uyaziphulula

ngezandla zakhe. Akazange abone ubukhazikhazi. Wabona isono. Akuzange kumthokozise. Kwamgulisa.

⁹⁹ Kungani wayengeke athi, “Mina, umIsrayeli, khangela ukuthi ilizwe lami liphumelele njani”? Wayengakutsho kanjani lokho lapho engumprofethi weqiniso kaNkulunkulu, esazi impumela, lalokho okwakuzakuba ngento enjengaleyo?

¹⁰⁰ Kasimmiseni phezu koqaqa lamuhla futhi simyekele akhangele phansi. Wothi akhangele eJeffersonville, ebantwini abazithi ngamaKhristu. Wothi akhangele loba ngaphi eMelika okwabantu abazithi ngamaKhristu. Amehlo akhe agcotshwe nguNkulunkulu ayengancipha njalo. Izandla zakhe zaziqhuhqa endevini zakhe. Ngani? Akaboni ubukhazikhazi lempumelelo leyo umhlaba oyibonayo. Ubona u—ukusuka kuNkulunkulu. Ubona imbeko ebolileyo yabantu. Ubona ukuhlelela emuva kwesizwe. Ubona ukubola ebandleni. Wayengenza njani ngaphandle kokunciphisa amehlo akhe, futhi alangazelele ukungena kikhohlo, ukuze akudabule iziqha?

¹⁰¹ Aluba omunye ubhishopi wayengabe ehlangane laye phezulu lapho, futhi wathi, “Manje, ungumprofethi weNkosi? Manje, sizakutshela lokho ongakutsho lalokho ongeke”? Ucabanga ukuthi wayengalalela? Aluba bengabe bethe, “Woza ujoyine inhlanganiso yethu manje, futhi sizakusiza emkhankasweni wakho”? Ucabanga ukuthi wayengabe walalela? Hatshi. Angeke ngikucabange lokho, endodeni enjengaleyo. Hatshi.

¹⁰² Wayethunywe nguNkulunkulu. Kwakungadingakali ukuthi abe losekelo lwabo. WayeleLizwi likaNkulunkulu, ugcobo lukaNkulunkulu, isikhathi esimisiweyo sikaNkulunkulu. Wayesiza ngoITSHO KANJE INKOSI. Uh-huh. Lowo ngumprofethi weqiniso. Yiyo indlela ahamba ngayo. Uhamba engelalutho kodwa uITSHO KANJE INKOSI.

¹⁰³ Ngabe lelidolobho elibukhazikhazi laseSamariya, luIsrayeli ofunde kakhulu, ozenzela okwakhe, laba abatshumayeli abalolongekileyo labapristi, bemukela lowo omncinyane, umfo ongaziwayo? Mhlawumbe ulimi lwakhe lwalungalolongekanga. Evela emulini edubekayo enkangala. Wasuka ngekheya, ebizwe nguNkulunkulu, waya enkangala ukuyataditsha uNkulunkulu leLizwi Lakhe, futhi waba ngumprofethi. INkosi yamazala ngaleyondlela.

¹⁰⁴ Abaprofethi bayazalwa, beyisithunywa sesikhathi, lowo uNkulunkulu, ngokwazi ngaphambili, uyazi isikhathi lommeli Wakhe lapho ukukhalimela isono.

¹⁰⁵ Lelodolobho elibukhazikhazi lalingamamukela yini? Ucabanga ukuthi abafazi labo babengalalela kulokho ayekukhuluma? Ucabanga ukuthi abapristi labo babengabe bamlalela? Ngani, hatshi, mnumzana. Wayengelasibabazo kanye laye, kuvela kuloba yiphi inhlanganiso. Wayengeke atsho, ukuthi, “AbaFarisi bangithumile.” Futhi wayengeke

athi abaSadusi babemthumile. Akazange athwale izincwadi zobufakazi. Akazange abelekhadi lobudlelwano kuloba liphi iqembu labantu. Wayengela manduleli wokulungisa umkhankaso wakhe. Akubanga labaFarisi bonke ababelomhlangano wokubambana lo—lokudla kwasekuseni kwabafundisi, futhi babuthanisa into yonke ndawonye, ukulungisa umkhankaso wakhe, futhi besazi ukuthi wayesiza. Wayengaziwa kubo. Wayengela khadi lobudlelwano. Wayengela zincwadi zobufakazi. Wayengela kusekelwa ngabantu.

¹⁰⁶ Kodwa wayelo ITSHO KANJE INKOSI. Yiyo indlela yomprofethi weqiniso. Wayelo ITSHO KANJE INKOSI. Nxa wayelo ITSHO KANJE INKOSI, kwahlukile kakhulu lamaqhinga ethu enziwe ngabantu lapha. Yikho kuphela ayekudinga. Nxa engabuya ngalindlela, wabuya ebizweni lebandla. Nga wabuya ngalindlela, wabuya eBizweni leNkosi. Ngakho, umprofethi weqiniso uhlala esiza ngendlela yeBizo leNkosi. Izikhathi zonke, ubuya eBizweni leNkosi.

¹⁰⁷ Manje, wayengeke atshengise amakhadi obudlelwano, kodwa wa—wayeleLizwi likaNkulunkulu. Futhi yikho lokho uNkulunkulu ayekuthumele ebantwini. Manje, abantu babezenzele izinhlanganiso. Babelamaqembu ezinkolo atshiyeneyo, futhi yikho lokho abantu ababekubumbile. Kodwa uAmosi wayengelakho lokho. Wayelo ITSHO KANJE INKOSI. Yikho lokho ayelakho.

¹⁰⁸ Ngiyabona abapristi labo, ekuseni, babalokuncinyane ngokusa kwesabatha, babalomkhuleko omncinyane, lokunjalo, encinyane inkonzo zokuzinikela, futhi—futhi babuyela. Futhi bakhuluma izinto ezinlutshwana ngoMose omkhulu, owake waphila ngolunye usuku, futhi omunye omkhulu owake waphila ngolunye usuku. “Kodwa, o, insuku zalokho sezedlule manje. Lina bantu liyamazi umongameli wethu omutsha, uhulumende wethu omutsha lakho konke esilakho,” futhi sikhulume ngezinto ezilutshwana njenga lokho futhi sihambe ngekhyaya.

¹⁰⁹ Kodwa nanku kusiza indoda ingelandaba lalokho. Weza loITSHO KANJE INKOSI. Bona? Yiyo indlela yomprofethi. Akula kusebenzelana, wakwazi lokho okwakukhangelane laye, wazi ukuthi into yonke izakumelana laye, wakwazi ukuthi bazamlandula, abayikumamukela. Kodwa wayesiza eBizweni leNkosi.

¹¹⁰ UJesu wayekwazi ukuthi iKhalvari yayikhangelane Laye, kodwa Weza eBizweni leNkosi. Bona? Yiyo indlela yomprofethi weqiniso.

¹¹¹ WayeleLizwi leNkosi esizweni. Kodwa iLizwi leqiniso leNkosi lalingazakali kulabo bantu. Kukanti, babecabanga ukuthi babeLalo. Ngithemba lokhu kuyehla kujule. Babecabanga ukuthi babengeweke kakhulu futhi bengabenkolo,

okokuthi iLizwi likaNkulunkulu leqiniso laliyinto engazakaliyo kibo.

¹¹² Yiyo indlela okuyiyo lamuhla. ILizwi leqiniso likaNkulunkulu libonakalisiwe yinto engazakaliyo ebantwini abanengi bamaPhentekhostali. Ingcazelo yeqiniso yeLizwi izinhlupheko zeqiniso, leziqalekiso, izibusiso zeqiniso zikaNkulunkulu yinto engazakaliyo ebantwini abanengi abazibiza ngokuthi ubungcwele, amalunga ebandla, amaKhristu. kuyinto engazakaliyo kibo. Abakwazi. KuKhulume kibo. “Abakaze bazwe ngento enjalo.” Futhi, kanti, inhlanganiso zabo ziyakhula lokuphumelela, zisibankulu lamalunga ebandla amakhulu isikhathi sonke, lenhlanganiso ezinengi zisengezwa umnyaka ngomnyaka.

¹¹³ Bacabanga ukuthi into eza kibo kwakufanele iphume kulawo maqembu ezinkolo. Ngempela babengasoze bamamukele. Abasoze bakwenze ngitsho lalamuhla. Kwakukade bakhohlwa, ukuthi, “UNkulunkulu wayesenelisa okwalwa amatshe ukuvusa abaprofethi kuNkulunkulu.” UNkulunkulu uyenelisa, ngamadoda asalele emuva asemahlathini. Uyenelisa ukuvusa, ngalawamatshe, amadoda azakumela iLizwi Lakhe, lokuprofetha eBizweni Lakhe, iQiniso. “Bebeka ihloka empandeni yesihlahla.” Yeka imvava ziwe. Angilandaba loba ulokusebenzelana kumbe akalakho ukusebenzelana. Kodwa yiyo indlela yomprofethi weqiniso.

¹¹⁴ Abanye abantu bacabanga ukuthi kumhambela lula. Abakwazi lokho abakhuluma ngakho. Akazange alethwe edolobheni ngenqola, ehlezi phezu kwamahle, amabhiza abotshiweyo, izintshaka, futhi abapristi abakhulu bemile phandle lapho, lezinto ezinkulu eziphezulu emakhanda abo, bemkothamela, “Umhlonitshwa uDkt. *Sibani-bani* uyeza.” Lokho kungaba luhlelo lwenhlanganiso.

¹¹⁵ NjengeNkosi yabo bonke yabuya, Wabuya, njenge, weza ngesitebele esibayeni, isibaya senkomo. Akazange abuye ngobukhazikhazi langenkazimulo, kodwa waBuya ngokuzithoba beNgane ezalelwe esitebeleni. UAmosi kazange abuye...iLizwi leNkosi; ngoba *waye* eyiLizwi leNkosi. Loba yiliphi iLizwi likaNkulunkulu, akusumuntu; nguNkulunkulu.

UJesu wathi, “KayiSimi owenza imisebenzi.”

Bathi, “Wena unguMuntu, uZenza uNkulunkulu.”

¹¹⁶ Wathi, “Khona-ke nxa Ngingenzi imisebenzi kaNkulunkulu, lingaNgikholwa. Kodwa nxa imisebenzi ikhuluma ngokwayo, kholwani imisebenzi, nxa lingafuni ukuNgikholwa.”

¹¹⁷ UAmosi wayeyiLizwi likaNkulunkulu lihamba phansi emgwaqweni. Wahamba engena, kungelakuhleleka, hatshi ngamafashini omhlaba. Weza emandleni kaMoya.

118 Yiyo indlela iLizwi likaNkulunkulu elibuya ngayo. Hatshi ngesivumokholo senhlanganiso, hatshi ngento eyisitabane kuphuluphithi; kodwa Kuza emandleni kaMoya, ukubonakalisa uNkulunkulu esizweni lasebantwini. Ngumahluko. Umahluko onganani!

119 Manje, laba bananzelela, bakhohlwa kudala, ukuthi uNkulunkulu uyanelisa ngamatshe ukuvusa abaprofethi beqiniso. Babengela...Inhlanganiso yabo kayidinganga ukuvusa umprofethi weqiniso, ngoba mhlawumbe yayingeke ikwenze. Ngoba, nxa kungaba njalo, kwakuzakuba ngumprofethi wenhlanganiso.

120 Kodwa, uNkulunkulu uyavusa! UNkulunkulu uthatha lokho Akufunayo. Uthatha okungasilutho, ngokwejwayelekileyo, ukwenza umsebenzi Wakhe; kutshengisa ukuthi NguNkulunkulu. Umuntu ukhukhumele, futhi ucabanga ukuthi ungenye into, khona-ke uNkulunkulu angeke amsebenzise, ngoba ulobumina kakhulu.

121 Yilo uhlupho ngebandla lesiKhristu lamuhla. Bacabanga ukuthi bayazi ulutho. IBhayibhili lithi, “Nxa umuntu ecabanga ukuthi uyazi ulutho, akazi lutho okufanele abelwazi.” Uhlupho lamuhla, silobumina obunengi, ukuzenzisa okunengi, imfundo enengi, inkolo enengi, futhi singazi lutho mayelana ngensindiso yeLizwi likaNkulunkulu. Yingxenye ezwisa usizi ngakho. Yebo.

122 Basebekhohliwe, ukuthi, “UNkulunkulu wayesenelisa ngalawamatshe ukuvusa abantwana kuAbrahama, kumbe ukuvusa abaprofethi beqiniso beLizwi.”

123 Akudingi ukuba baphume esikolo esithile. UNkulunkulu ubanika isikolo sabo. Abadingi ukuthi babelamadigri amane ekolitshini. Abadingi ukuba leBachelor of Art yabo, le—leDigri labo lobuDokotela, lokunjalo. Abadingi ukuthi babelakho lokho. UNkulunkulu uthatha loba yini Akufunayo, futhi afake iLizwi Lakhe kukho. UKwenza njani? UyaKubonakalisa futhi aKufakazele.

124 Babengeke batsho iseminari uJesu avela kiyo. Wayengela leyodwa. “Yisikolo bani Avela kuso?” Wayengela lesisodwa. Kodwa kuyini Ayelakho? WayeloNkulunkulu, futhi WayeyiLizwi. Babengelakukhombela emuva esikolweni esithile.

125 Futhi uNkulunkulu akaze avuse umuntu esikolweni. Yehla phansi embalini futhi ufumane lapho Ake wakwenza khona. Akakwenzi. Uthatha into evela kwenye indawo, engelalutho, engelathemba ngakho. Khona-ke Ebeseletha lokho futhi afake iLizwi Lakhe phakathi kwakho, futhi aZibonakalise. Yikho lokho Ayekwenza lapha kuAmosi. Kulungile.

126 Manje, iLizwi likaAmosi laqiniswa nguNkulunkulu, osukwini, ensukwini zabo uqobo. Isiqin-...UNkulunkulu waqinisa iLizwi likaAmosi ukubanjalo, ukuthi wayenjalo, wayeleLizwi leNkosi.

127 Futhi nxa wayengabuya kithi, khona manje, ucabanga ukuthi isizwe sethu labantu bethu bangemukela indoda enjengaleyo? [Ibandla lithi, “Hatshi.”—Mhl.] Ucabanga ukuthi amaBaptisti engamukela uAmosi? [“Hatshi.”] AmaMethodisti? [“Hatshi.”] AmaPresbyterian? [“Hatshi.”] AmaPhentekhostali? [“Hatshi.”] AmaKatolika? [“Hatshi.”] Hatshi, mnumzana. Hatshi. Ngempela wayengeke.

128 Yeka, okwesikhatshana nje, simthwale futhi simlethe lapha, okomzuzu nje, futhi sifumane ukuthi babengakwenza kumbe hatshi. Kasiboneni nje ukuba wayenga . . . loba amabandla ethu engamamukela lamuhla kumbe hatshi.

129 Into yokuqala ayengayenza, wayezaphikisana lenhlanganiso yonke, ngoba iphambene leLizwi. Um-hum, uh-huh, yebo, mnumzana. Wayezalahla uhlelo lwethu lonke. Kunjalo. Imfundiso yonke, isivumokholo sonke, inhlanganiso yesonto yonke, wayezakulahla into yonke.

Ngiyacabanga nje, ngiyabona abanye balaba abadala bamaPhentekhostali besithi, “Ngani, dumo kuNkulunkulu! Nxa yena . . . Ngani, asingeke sibe laleyondoda edolobheni lethu.”

130 Futhi ucabanga ukuthi amaPresbyterian lamaBaptisti babengenzani? “Ngani, lesosithutha, asimfuni elizweni lethu. Akasilutho kodwa u—uhlanya.” Babezasayina iphepha ukumfaka entolongweni, nxa babengakwenza, ukumkhupha ezitaladeni.

131 Kodwa ucabanga ukuthi ungamgcina lapho? O, hatshi. Awungeke uvalele ekhejini iLizwi likaNkulunkulu. Hatshi, hatshi. Lizaphuma, kungenani. Imigoqo yentolongo yavuleka ngobunye ubusuku, lapho bezama ukuLivalela ekhejini. UkuKhanya kwangena futhi kwamkhulula.

132 Hatshi, ngempela wa—wayengasoze avumelane lakho ukuhlela kwethu. Kulungile. Kuyini ayengaqala ukukwenza? Ukuludilizela phansi. Ngani? Uyinceku kaNkulunkulu. Wayeza qonda khona esiSekelweni futhi aqale umkhankaso wakhe, khona kanye emuva, futhi adabule isivumokholo sonke kiso, futhi abuyele esiSekelweni. Siyini iSisekelo? Phezu kweLizwi likaNkulunkulu. Kuqondile. “Izulu lomhlaba kuzakwedlula, kodwa Amazwi Ami kawasoze.” Ngakho wayengadabula inhlanganiso yesonto yonke, isivumokholo sonke, imfundiso yonke, phakathi kwaso, futhi akuphosele emaceleni, wayezakukhalimela kuze kube selaPhakadeni.

133 Ucabanga ukuthi amaPhentekhostali angamamukela? Hatshi, mnumzana. AmaBaptisti? AmaPresbyterian? Hatshi, mnumzana. AmaNazarena? AmaPilgrim Holiness? Babezakumzonda. Ngeqiniso. Ucabanga ukuthi babezaphuma phandle futhi bahlangane laye nge—ngelimozini, futhi bamlethe edolobheni? Babezakhulekela ilanga ukuthi limtshise phezulu lapho. Babezafaka isenqabelo, ukumvavalela phandle

kwedolobho. Ngani, kwakungaba lemihlango eminengi yabathumayeli lapho, edolobheni, owake wayibona empilweni yakho. “Valelani lolohlanya phandle kwalelidolobho.”

¹³⁴ Kodwa, kunjalo, wayelo ITSHO KANJE INKOSI. Bona? Yiyo indlela yomprofethi weqiniso. Uzakudelelwa. Ngempela. Uzahamba eqonde khona esiSekelweni, okomkhankaso wakhe. Wayengeke akudingi. Wayengeke athi, “Manje, ngifuna lonke lina maMethodisti ukungena manje futhi lingisize. Ngifuna lina maBaptisti. Ngifuna lonke lina bantu elilapha. Lonke lina maPhentekhostali, litsho ukuthi liligembu lokucina uNkulunkulu azakulibiza, Ngifuna lonke lize kimi, futhi ngifuna ukuthi lisekele umkhankaso wami.”

¹³⁵ “Ubhaphathiza njani? Buyini ubufakazi bokuqala bukaMoya oNgcwele?” Leyo mibuzo, iyabe iphoselwa ebusweni bakhe. Futhi lapho ephenduka leQiniso leBhayibhili, babezakumlandula. Kodwa yiyo indlela yomprofethi weqiniso. Ulakho konke lokho ukuthi akhangelane lakho. Bona? Ngempela.

¹³⁶ Sasingasoze simamukele. Hatshi, mnumzana. Awethu—awethu. . . Sasingeke sibe lakho. Sasingeke sibe lemikhankaso yakhe elizweni lethu—lethu lonke. Hatshi, impela. Awu, sasingeke sibe laye. Hatshi, mnumzana. Kodwa wayezabuya futhi abuyisele iBandla eLizwini, ngoba Lokho yisiSekelo. “Loba ngubani obeka kuloba yisiphi isisekelo, litshebetshebe elitshonayo. Phezu kwalesisekelo kuphela, uNkulunkulu uyakha iBandla Lakhe, phezu kweMfundiso yabapostoli.”

¹³⁷ Njengoba bengisitsho ngolunye usuku; omunye umuntu ekhuluma mayelana—mayelana ngesihlanzo, futhi ekhuluma ngabanengi njengoFrancis oNgcwele loCecilia oNgcwele, futhi yena ekhulekela abantu abathile, futhi phandle kwesihlanzo, futhi lokupha igunya elinjalo njengalokho. Lelo ligunya elingekho embhalweni. Ngabantu abangelagunya. Abapostoli babelegunya loMbhala. Futhi nxa kuphikisana labo, kungamanga, ngokubona kwami.

¹³⁸ Ngiyakholwa ngesihlanzo, kodwa ngiyakholwa kumanje. Uyahlambulula umphefumulo wakho uqobo. *ISihlanzo* kutsho “ukuhlambulula.” Lapho ubona uyenze into embi, phuma phandle lapho futhi ukuhlanze kuwe, ngokuvuma, lokukhala, lokuzila, lokukhuleka.

¹³⁹ Omunye wangihleka lapho iNkosi ifika lapha kungasikude futhi yanginika umbono. Ngangihlala ngifuna ukubona ngokubopha leyo nyoka. Ngangihlala ngimangala ukuthi kanjani. Kufanele ngiphume njengalokho. Lapho, yikho lokho ebengikufuna, impilo yami yonke. Khona-ke ngaqala ukuzila lokukhuleka. Wathi, “Ukwenzelani lokho?”

¹⁴⁰ Ngathi, “Phakathi lapho, Wathi ngangingaphelelanga okweneleyo.” Ngemva kokuba Esebuyile, khona-ke ngafuna

ukuzihlambulula. Hatshi ukulindela uze ufe, futhi ubusuyeka umpristi azame ukukuhlambulula. Hlambululani imiphefumulo yenu!

¹⁴¹ Kodwa, bona, bakususa phandle kweLizwi elilegunya, futhi bakubeka ezandleni zeyinye inkolo yokwenziwa ngumuntu ukuletha imali ebandleni, ngoba bakhangela izinto zomhlaba, ibandla lomhlaba, amandla amakhulu emhlabeni, amandla ezepolitiki. Kodwa uNkulunkulu ukhangela eLizwini Lakhe. Futhi loba liphi ilizwi eliphambene leLizwi likaNkulunkulu alilunganga. Mayelana ngokwazi kwami, yiLizwi kumbe akulalutho. Yebo, mnumzana. Yebo, mnumzana.

¹⁴² Wayezaqonda khona esiSekelweni. Wayezadabula into ibe yiziqa. Uyabefanele akwenze. Wayengeke enze okunye njalo, nxa uAmosi wayelapha lamuhla. Wayengeke enze okunye, ngoba, khumbulani, ungumprofethi weqiniso kaNkulunkulu, lowo iLizwi elibuya kuye. Wayengeke enze okunye kodwa abuyele eLizwini. Kungelandaba nxa amaPhentekhostali elizweni abuthana ngakuye, athi, “Mnumzana, Amosi, siyakukholwa ukuba ungumprofethi, kodwa ucezekile eLizwini. Sifuna ukukuqondisa.” Wayezahlala leLizwi. Akula okunye ayengakwenza, ngoba ungumprofethi. Kadinganga ukuxasa kwabo. UloMbiko wokupha. “Futhi konke uBaba aNginike khona kuzakuza Kimi.” Futhi uzakutshumayela iLizwi, futhi uzakuLitshumayela nje njengalokho eLingaba yikho eBhayibhilini, futhi ngokunjalo sizamlandula. Kunjalo.

¹⁴³ Kungelani lokuthi Kuzakuba yini, iLizwi likaNkulunkulu liza kubaprofethi, ingcazelo yabo yeLizwi, ingcazelo eyiyo.

¹⁴⁴ UIsrayeli wayehlezi ephuma emzileni, futhi uNkulunkulu wabathumela umprofethi ngezibonakaliso lezimangaliso, ukuchasisa iLizwi lelo. Futhi wakwazi njani? Wathi, “Uba lumprofethi ekhuluma, futhi kugcwaliseke, khona-ke kulungile.” Waqinisa abaprofethi Bakhe, ukuthi babeqondile.

¹⁴⁵ UJesu wathi, “Lowo okholwa Kimi, imisebenzi eNgiyenzayo laye uzayenza. Lokhu lizakubakwazi. Lezi izibonakaliso zizakubalandela labo abakholwayo.”

¹⁴⁶ Futhi bangazitsho kanjani ukuba ngumprofethi weNkosi futhi balandule iLizwi likaNkulunkulu uqobo? Umuntu angabhaphathiza kanjani ebizweni lika “Baba, Ndodana, loMoya oNgcwele,” lezozihloko, futhi balandule iBizo uqobo likaJesu Khristu, lapho kungelaMbhalo eBhayibhilini ukusekela umbono wabo? Ngingaba lukhuni futhi ngichothoze, kodwa yisikhathi sokuba yileyo ndlela. KuliQiniso.

¹⁴⁷ Abantu bangazitsho kanjani ukuba ngamaKhristu lamuhla, futhi begijima phandle lapha entweni yonke, labafazi belenwele ezigeliweyo, futhi begqoke okabhudula, lokubhema igwayi, lokugijimela kumabhayisikopo, loba luphi uhlobo lombukiso wakudala, lokuqhubeka? Ngitshela ukuthi nguMoya oNgcwele

na? Ungaqali ukungitshela lokho. Wena, wenza uNkulunkulu agule esiswini Sakhe, nxa kwakulento enjalo engenziwa. Yebo. Ngileqiniso liyazwisisa. Uzibiza, okunjenga lokho, kungaba lento enjalo kanjani? “Ngezithelo zabo bayaziwa.”

¹⁴⁸ Uzakhalimela futhi alahle wonke umfazi olenwele ezigeliweyo. Engenza kanjani okunye? Ungumprofethi. Futhi lelo yiLizwi. Wayengathi, “Lina, boJezebeli!” Wayezakuba lukhuni labo. Ngani? Ungumprofethi. Uzamele ahlale leLizwi. Kunjalo. Ucabanga ukuthi babezakuma? Hatshi, mnumzana. Babezakuthi, “Yikwedlulisa amalawulo. Mubi njengalowo Phawuli omdala ayeyikho, eBhayibhilini, ozonda abafazi.”

¹⁴⁹ “Lina, iqembu labalingiseli, elizibiza amaKhristu. Kungelani lokuthi uzama kanjani ukuphila okungcwele, lokho akulanto eyodwa yokwenza ngakho. Ingqe ulandula iLizwi likaNkulunkulu futhi ungaziqondanisi Lalo, uyisoni, umuntu ongakholwayo,” yikho lokho ayengakutsho. Wayengasoze... Wabeka, wayezabeka ihloka khona empandeni yesihlahla. Wayengasoze atshiye ulutho. Ungumprofethi, futhi yiyo indlela yomprofethi weqiniso. Babezahlala laleloLizwi kungelani lokuthi ngubani. Nxa kungumama wabo kumbe ubaba, akwenzi mahluko. UJesu wakwenza. Wayengambizi ngitsho lokuthi mama; wayengasuye. WayenguNkulunkulu. UNkulunkulu akala mama. Babezakwenza, manje-ke ngubani ubaba Wakhe? Uh-huh, uh-huh.

¹⁵⁰ Wayezakhalimela lokubalahla. Wayezalahla inhlanganiso yesonto yonke, ngoba akula leyodwa yazo eyakhiwe eLizwini. Angitholi leyodwa yazo. Futhi masinya lapho besenza inhlanganiso yesonto, bamelana leLizwi khonapho. Ngakho kungaba kanjani u...umprofethi ebusisa lokho iLizwi elikulahlayo? Kukanti, akafuni ukukwenza, ukuthunuka umfowabo, kodwa kunjalo kufanele akwenze ngoba ungumprofethi. Futhi ungummeli weLizwi leQiniso likaNkulunkulu, futhi kanyikinyeki Kilo, kuloba yiphi indlela lakancinyane; umthetho phezu komthetho, lomzila phezu komzila. Bona lokhu engikutshoyo? Indlela yomprofethi weqiniso.

¹⁵¹ Bangaki abathi, “Nkosi, ngifisa ngabe Ungangenza umprofethi”? Akenzi lokho. Hatshi. Akakwenzi lokho.

¹⁵² Engalahla konke ukungaziphathi kwamabandla, limidlalo yokubheja lazo zonke lezi izinto abalazo, amaphathi amakhasi, ukudla kwemisobho. Wayengalahla wonke awo. Wayezawakhalimela esiyangena esihogweni lapho avela khona.

¹⁵³ Ucabanga ukuthi ungamamukela yini? Hatshi. Ibandla lamuhla lalingeke limamukele. IPhentekhosti imamukele? Awu, wayengangena phakathi lapho, athi, “Lina qembu likaJezebeli elilenwele ezigeliweyo, alikwazi ukuthi ITSHO KANJE INKOSI kutshoni? Uhambe phandle lapha ugqoke isigqoko esincinyane

esikhangeleka sibamba mpa, awukwazi ukuthi ulecala lokwenza ubufebe nsuku zonke lamakhulu amadoda?” Yikho lokho ayengakutsho.

¹⁵⁴ Uthi, “Awu, lowomdala wekadeni! Umfo wekhanda eliyimpabanga, okhangeleka empunga, msuseni kuphuluphithi. Ake silibone lina, bhodi labaphathi, amadikhoni, umsuseni lapha.”

¹⁵⁵ “Awu, lina qembu labazenzisi abahluphekayo.” Kunjalo. UAmosi wayengakukhalimela. Khona-ke uzibize, “Siyi... Singabaleli iqembu. Singabalelo iqembu.” Lingabaka develi, ubaba wenu, ngoba nguye olandula iLizwi.

¹⁵⁶ Uthi, “Ngakhuluma ngendimi.” Futhi-ke ugele inwele zakho? “Dumo kuNkulunkulu! Haleluya!” Futhi iBhayibhili lathi, “Kuyi—kuyinto eyangisayo—eyangisayo emfazini ukuthi akhuleke ikhanda lakhe liqunywe njengalokho.” Khona-ke uzibize umKhristu. Ihlazo kuwe. Gaqa ekhoneni kwenye indawo, ziqondise kuNkulunkulu.

¹⁵⁷ Uggoka lezo zigqoko ezindala ezimfitshane, futhi uphume phandle lapha egumeni, futhi uzelule, lapho usazi kakuhle futhi sobala uyenza ubufebe lamadoda angamakhulu nsuku zonke. Wathi, uJesu watsho njalo, “Loba ngubani okhangela umfazi ukumkhanuka usefebile laye.” Nguye ozinikezileyo, futhi ukwenzile kweyakhona...

¹⁵⁸ Lapho, wena, ufile ezintweni zomhlaba. Uphakeme kulokho, njengoba ngitshilo, isiqalo. “Ungatshibilikisa ikhanda lakho ngenhloni. Amehlo akho ayancipha phezu kwento embi yesono, kulokukhangela abafazi ukubakhanuka. Lina madoda elenza into enjengaleyo futhi lizibize ukuthi lingamaKhristu.” Yikho lokho ayengakutshela khona. Ngizama ukuthatha aMazwi akhe lokhu kusa. Ayengaba ngaMazwi akhe. Ngoba, yena, khumbula, ungumprofethi weqiniso. Wayezamele ahlale laleloLizwi. Uhhuh. Ngicaphuna nje aMazwi akhe. Yikho kuphela. Ngoba, nxa umlethile, uyiLizwi. Khona-ke, nanti iLizwi, Ngokwalo. Angaba engasimuntu, kodwa uleLizwi lakhe, ngoba wayezakuba leLizwi leNkosi.

¹⁵⁹ Yonke imfundiso enziwe ngumuntu, wayezakuyilahla, njengobhaphathizo “ebizweni likaBaba, iNdodana, uMoya oNgcwele.” Wayephosela leyonto ibuyele elaPhakadeni. Wayeyilahla, ukuze kungabi lomnuko wayo osalayo. Yebo, mnumzana.

¹⁶⁰ Bangaki, lina, bangaki ebandleni lokhu kusa abangamamukela phezu kwalokho?

¹⁶¹ Khona-ke bona, leliqembu leJesus Name, babeza—babezakuthi, “O, singamthatha kulokho.” Futhi-ke inhlanganiso yenu, wayezalikhalmela khona kanye layo. Kunjalo. Abafazi benu abalenwele ezigeliweyo, futhi lani livumelana lakho.

Kunjalo. Amadoda enu, indlela abaziphatha ngayo lokwenza. Kunjalo.

¹⁶² Abantu abanengi bathi, “Kuhle ukuba ngumprofethi.” Kuyikho, nxa lilungiselele ukuthengisa yonke into emhlabeni futhi lihlale loNkulunkulu leLizwi Lakhe. Hmm.

¹⁶³ Hatshi, sasingasoze simamukele loba ngaziphi indlela, inhlanganiso zamasono ethu lamuhla. Sasingasoze sibe lani lokokwenza laye.

¹⁶⁴ Limlalele ekukhalimela. Wathi, “UNkulunkulu uqobo elithi liyamkholwa, Uzalibhubhisa.” Kuyini elizakwenza ngalokho? UNkulunkulu uqobo iPhentekhosti ekholwa kuye, kusukela ekuziphatheni okungelambeko lezinto abazenzayo futhi bevumela ukuthi zenziwe, lowoNkulunkulu uqobo uzaletsa ukwahlulelwa phezu kwalezozinhlanganiso. Kunjalo. Khona kanye uAmosi akutshoyo kubo.

¹⁶⁵ “O,” bathi, “siloAbrahama. Sila—silalokhu. Silomthetho. Silabapristi. Silabaprofethi.”

¹⁶⁶ O, mfowethu, lawomehlo ancipha lapho ekhangela phezu kwabo, lokukhalimela leloLizwi kibo. Yebo, mnumzana. Sibili. Babengeke bamukele. Hatshi, mnumzana. Wathi, “Bazababhubhisa ngemfundiso zenu ezenziwe ngabantu.” Yikho lokho ayengakutshela khona lamuhla. Wayezakutsho okufanayo njengalokho akwenzayo lesosikhathi. Wathi, “UNkulunkulu uqobo elimakhela amabandla, mhlawumbe libhadala izigidi zamadola, zona kanye izindlu zokukhonzela elizakhela uJehova, elithi liyamthanda, lowo Nkulunkulu uqobo uzalibhubhisa ngoba lilahla iLizwi Lakhe.”

¹⁶⁷ Ngakho kunjalo lalamuhla! UNkulunkulu uqobo lowo iMelika etsho ukuthi iyamkhonza izaletsa ukwahlulelwa phezu kwesizwe futhi asibhubhise. Ngithemba lokho kuyajula ukuthi awusoze uphunyuke kikho. Yena uqobo Lowo elitsho ukuthi liyamthanda, futhi ngezinkolo zenu zokwenziwa ngabantu, lempilo engela kuziphatha lokubola elikungenise phakathi kwenu, khatshana leLizwi likaNkulunkulu, kuzalibhubhisa ngolunye usuku. Lokho yiITSHO KANJE INKOSI. Akula okunye okuseleyo okwabo.

¹⁶⁸ Ziqondiseni ngeLizwi! Tshumayela iVangeli kubo; dabula phakathi kwelizwe; libatshela iQiniso. Abatshumayeli bayaphophotha lokumemeza, futhi beqhubeka. Amadoda ayalahla. Inhlanganiso zikuxotshela phandle. Abafazi banyikinya ikhanda labo, futhi bengavumeli inwele zabo zikhule, kungelani. Bagqoke izigqoko zabo okufanayo nje, umnyaka ngomnyaka. Njengokuthululela amanzi emhlane wedada. “Khona-ke uzitsho ukuthi uyamthanda uNkulunkulu?”

¹⁶⁹ Wathi, uJesu wathi, “Lithethe imikhuba yenu futhi lenza iMilayo kaNkulunkulu yangabi lamsebenzi.”

170 Yiyo indlela yomprofethi weqiniso. Bona? Akusindlela elula. Akusikho lokho umuntu wonke acabanga ukuthi kungaba yikho.

171 Ukweqa phezulu laphansi lokumemeza, wonke umuntu ekumbambatha emahlombe, khona-ke leso yisibonakaliso kawusuye umprofethi weqiniso. Ngezinye zezibonakaliso sibili ukuthi awulakho lokho okhuluma ngakho.

172 Kunini lapho abake bambambatha emhlane, ngaphandle belokusithekileyo ababekufuna? Ini? Wayengaphenduka futhi abalahle ngecala. Kuqondile. Wawungeke umbambathe uAmosi emhlane. Babengeke bambambathe uElija emhlane. Kazange amele leyonto. Hatshi, mnumzana. Wabatshela iQiniso likaNkulunkulu. Futhi nxa iZulu lilikhulu kakhulu, lalapho esiyakhona, khona-ke nxa singeke siziqondise ngezintwananyana ezincinyazane, sizaziqondisa kanjani loMoya Khonale? Kufanele liziqondise ngeLizwi. Yiyo indlela yomprofethi weqiniso. Loba kumdabula iziqa, ukuKukhuluma, yebo, kumele adabule isizwe iziqephu, Ngalo. Kunjalo. Kodwa yiyo indlela.

173 Wayekukhalimela. O, minabo! Liyazi akukhuluma kubo? “Ukuxokozela,” nxa ungananzelela lapha, wathi, “akukho kuhulumende wenu, kukuwe.” Yikho lokho akutshoyo. Yebo. “Ukuxokozela ebandleni, isimo senu sokungabi lobunkulunkulu, yikho okwabangela uhlupho.”

174 Isizatho isikhomanisi sithanyela ilizwe lamuhla, akusikho ngenxa yesikhomanisi. Kungenxa yebandla. Kungenxa yabantu. Lamuhla bazibiza ukuthi bangamaKhristu. Bahlabela njengeNgilosi. Amazwi aqeqetshiweyo, lokukhuluma ngobungcwethi, sengathi ziNgilosi ezinkulu; futhi bangakholwa iLizwi likaNkulunkulu, njengabodeveli. Kunjalo. Bahlabele njengeNgilosi enkulu, bagqoke njengengingakwazi ukuthi yini, futhi balundule iLizwi likaNkulunkulu.

175 Indoda, umtshumayeli kuphuluphithi, ozakuma lapho futhi abizwe ngokuthi Dokotela, Mhlonitshwa, futhi umbuze, “IBhayibhili lingabe lakhuluma ubhaphathizo e ‘Bizweni leNkosi uJesu Khristu,’ kumbe, ‘Baba, Ndodana, loMoya oNgcwele?’” Futhi uzahleka ebusweni bakho futhi athathe, “Baba, Ndodana, Moya oNgcwele.” Khona-ke uzibize umntakaNkulunkulu?

176 Abafazi besazi ukuthi iBhayibhili liyababeka icala ukwenza izinto ezithile, lokugela inwele zabo, futhi benze njengomhlaba, futhi bagqoke izigqoko ezingelasimilo lezinto ezinjengalezo, futhi bazaqhubeka bekwenza, kungenani; futhi bakhulume ngendimi, futhi beqe phezulu laphansi, futhi bememeze, futhi babelamasosayithi amakhosikazi amadala, lamaqembu okuthunga, futhi bathumele amamishinari enkundleni. Sekube

yisinengiso ebusweni kaNkulunkulu. Futhi, ITSHO KANJE INKOSI, Uzayichitha into yonke. Uzakwenza.

¹⁷⁷ Akusiyonto elula, kodwa yindlela yomprofethi weqiniso. AkuKhalimele lapho, futhi aKukhulume loba kubuhlungu kumbe hatshi.

¹⁷⁸ UJohane wayengumprofethi weqiniso. Wathi, “Thloka libekiwe empandeni yesihlahla.” Yiyo indlela yabo. Sibili.

¹⁷⁹ Uhlupho luphakathi kwakhe. Bahlabela njengeNgilosi, badanse njengabodeveli phandle lapha, imidanso, beqhubeke, ukudlala amakhasi, indawo zemijaho. Amaphentekhostali, besiya endaweni zokuzithokozisa, amabhayisikopo agcwele ngabo. Indawo yonke, loba yiphi imidlalo emidala kumbe enye into, futhi behle khona phansi lapho, futhi imijaho layo yonke into, futhi bazibize ukuthi ngamaKhristu, futhi baye phezulu futhi bamemeze, futhi bakhulume ngendimi, futhi bathathe ukugezana inyawo lesidlo.

¹⁸⁰ Ngani, ku—ku, “Njengenja isiya emahlanzweni ayo,” umprofethi wathi, “ngakho bayakwenza.” Nxa leyonto yayingeyomhlaba, imele ikhahlelelwe phandle kwakho, kungani ubuyela kuyo njalo? Kunjalo. Phandle ezitaladini, bezitshila, bakubiza njalo, i-rock-and-roll, begela inwele, begqoka okabhudula. O, minabo! Bazibize ukuthi ngamaKhristu. Ungakwenza . . . Hatshi, kungcono ngingakukhulumi.

¹⁸¹ Yikho ngibabeka icala. Nxa ngizakuhlala *laleliLizwi*, nxa iLizwi leli libuya kimi, ngizahlala *laleliLizwi*. Lokhu yikho okubuya kimi, iLizwi. Kubeke icala!

¹⁸² Bazitsho ukukhokhelwa nguMoya oNgcwele, benze izinto ezinjengalezo. Ungacabanga umfazi, ekhokhelwa nguMoya oNgcwele, avumele inwele zakhe zigelwe, lapho uMoya oNgcwele uqobo ukubeka icala? Khona-ke uMoya oNgcwele unguMuntu bani? Ungakucabanga?

¹⁸³ Ungacabanga umtshumayeli esima kuphuluphithi, futhi loba ngubani engamgolomba ukumtshengisa indawo eyodwa loba ngubani owake wabhaphathizwa esebenzisa izihloko zika “Baba, Ndodana, loMoya oNgcwele,” futhi ahleke ebusweni bakho futhi akubize odlulisa amalawulo, ngokubhaphathiza eBizweni likaJesu Khristu, futhi athi ukhokhelwa nguMoya, futhi athi uloMoya oNgcwele? UMoya oNgcwele angalandula iLizwi Lakhe uQobo? Hatshi, mnumzana. Uh-huh. Liyabona? Ngithemba liyakubamba.

¹⁸⁴ Angazi ukuba yisikhathi esinganani. Ukudubuka okulandelayo kungangithola. Kodwa, kuze kwenzeke, ngizabe ngimile khona lapho kanye leLizwi. Lapho ngihlangana lawe phetsheya ekwaHlulelweni, ngizakube ngimile ngaseLizwini lelo. Yikho lokho engikukholwa ukuba liQiniso.

¹⁸⁵ Hatshi, kawenzi zinto njengalokho, futhi-ke ubeloMoya oNgcwele. Ngaya emfazini womtshumayeli ngesinye isikhathi, ehlezi phezulu lapho egqoke isigqoko, sasikhangeleka kubi.

Uthi, “Awula malungelo.”

¹⁸⁶ Ngilelungelo. Lelo yiLizwi. LiTshumayele lonke. Uyeqa lezo izinto, inengi lezitabane zabatshumayeli, ngoba abala sibirin- . . . Mhlawumbe awubizwanga lokubizwa ukutshumayela, kwasekuqaleni. Yebo. Kodwa inceku yeqiniso kaNkulunkulu izahlala kanye laleloLizwi. Kunjalo.

¹⁸⁷ Umfazi womtshumayeli ehlezi lapho, ebandezelwe phakathi kwesigqoko, lamacici elenga, ezipendile, lenwele ezimfitshane ezigeliweyo. Lapho, uNkulunkulu ulahla yonke into njengokungcola. Futhi-ke usithi uloMoya oNgcwele?

¹⁸⁸ Ngangitshumayela lapha ePhoenix, kungasikude, ngento enjengaleyo, futhi umfazi kamtshumayeli ehlezi kuphuluphithi, lalezinwele ezigelwe njengabafana zimafindo-findo, lesigqoko ayengeke ngitsho anqabele izembatho zangaphakathi zibonakale. Wayengeke aguqe phansi ngamadolo akhe. Phose ama-intshi amane kumbe amahlanu ngaphezu kwamadolo akhe, ehlezi phezulu lapho; eseqa phezulu laphansi, ekhokhela ingoma. Ngakukhalimela nje kalukhuni ngawo wonke amandla ami. Sibili, angeke aphinde anginxuse. Angikukhangelelanga. Kodwa uyakwazi lokho okulungileyo lokungalunganga. Lapho ngisima ekwaHlulelweni, akusekho ezandleni zami futhi. Khona-ke uhambe futhi uthi. . .

¹⁸⁹ Indoda, ezithi umfundisi, engengeke ngithi ayisuyey, wenza isitsho ngolunye usuku, phambi kwabangane bami edolobheni elithile engangikilo. Liyamazi umfowethu. Futhi lumzalwane wangena. Wathi, awu, wathi, “Sake saba loMfowethu uBranham lapha ngesinye isikhathi.” Idolobho elithile, futhi phandle eNtshonalanga. Futhi lindoda yathi, “O, uMfowethu Branham yindoda elungileyo.” Bona? Wazi ngcono kulokugcona isimilo ngolutho. Wathi, “UMfowethu Branham, kodwa lingalaleli amathephu akhe, ngoba azaliphica.”

¹⁹⁰ Futhi kwenzakala ukuba lomunye wabangane bami emile lapho, wathi, “Umzuzu nje, mnumzana! Ngangiphicekile ngaze *ngezwa* amathephu.” Yebo. Yiwo umahluko. “Ngangingazwisisi ukuthi uNkulunkulu ongcwele angavumela kanjani izinto ezinjengalezo, njengelikwenzayo lonke.” Yebo.

¹⁹¹ Umuntu ofanayo, omunye ekanye laye, wema endaweni ethile kungasikude, wathi, “UMfowethu Branham ungumprofethi. Engadalula izinto. Lezinto ezinjenge. . . Kodwa,” wathi, “manje, lingalaleli iMfundiso yakhe, ngoba akaqondanga.” Ubuhlanya, inkulumo engela buntu enjengaleyo!

¹⁹² Alikwazi ukuthi nxa kuyi. . . Kangisuyemprofethi. Kodwa nxa iLizwi likaNkulunkulu liyiqiniso, Libuya kumprofethi.

“ILizwi leNkosi labuya kubaprofethi.” Yibo abachasisa iLizwi. Khona-ke, uyabona, awu . . .

¹⁹³ Akwenzi ngitsho lamqondo, ukucatsha nje ngemuva kwenhlanganiso yesonto engasilutho, ezinye zalezonsuku ezakudilika futhi ithombe, futhi ibhubhe esihogweni.

¹⁹⁴ Kodwa iLizwi likaNkulunkulu lizakuma kuzekube nininini. Phezu kwaleloDwala ngiyakha amathemba ami nininini, phezu kweLizwi leNkosi. Yeka konke kutshone. Nxa ngilahlekelwa ngumngane wonke, yonke into, ubungane bami bukuKhristu.

Amathemba ami awakhelwanga kokunye
Ngaphandle kwaMazwi kaJesu lokulunga;
Lapho konke emaceleni womphefumulo wami
kudeda,
Khona-ke Ulithemba lami lonke lokuhlala.

¹⁹⁵ Lapho lowombhobho udubuka ngolunye usuku futhi ngabona. . . Ngacabanga ukuthi sengifile. Ngaba lomuzwa wokuthula. Ngathalaza. Ngacabanga, “Awu, lokhu yikho.” Izangisiza ngani inhlanganiso yesonto khona-ke? Izangisiza ngani inhlanganiso khona-ke? Kuzamele ngime khonale ekuvutheni kwezahlelelo zikaNkulunkulu, ukwahlulelwa ngaleliLizwi.

¹⁹⁶ Loba ngenza okokutsha, futhi ngigobe, futhi ngitshileke, lokudazuka phakathi, abantu abanengi, kodwa ngithembele ukwenza, ngithole umongo oqotho phandle lapho, weLizwi likaNkulunkulu, futhi lapho ngakhele umphefumulo okwalaPhakade. Kunjalo. Vumela uNkulunkulu akufake ezandleni Zakhe futhi akwakhele emntwaneni olalelayo.

¹⁹⁷ Kunge—kungenzeka kanjani ukuthi umuntu, ekhokhelwa nguMoya oNgewele, enze into enjengaleyo? Kumbi, umfazi oloMoya oNgewele, enze izinto ezinjengalezo? Hatshi. Ungewele. Futhi nxa iMpilo Yakhe iphakathi kwakho, ungfanayo. Uzakuba njeNgaye.

¹⁹⁸ UIsrayeli, njengathi, wacabanga ngoba wayephumelela lobungane babo labanye, lokho kwakuyikuvuma kukaNkulunkulu phezu kwakho. Manje, liyazi, sicabanga lokho lamuhla.

¹⁹⁹ Ngakhuluma lamanye amadoda lapha kungasikude, ewoteleni, insuku ezinlutshwana ezedluleyo, amadoda amakhulu ezigabeni zenkolo. Futhi bathi kimi, “UNkulunkulu uyafakaza ukuthi Ukanye lathi. Ngani, sakhula umnyaka odluleyo, Mfowethu Branham,” Ngiyakhohlwa ukuthi ngamakhulu amangaki, njenga lokho.

²⁰⁰ Ngathi, “Lokho akusikho kwamukelwa lakancinyane.” Uhuh. Kunjalo. Ubuwule bathuthuka, bengezelela umnyaka odluleyo, phose amaphesenti angamatshumi amathathu; lokho kungabe kwatshengisa ukuthi uNkulunkulu wayelesiwule?

[Ibandla lithi, “Hatshi.”—Mhl.] Uh-huh. Uh-huh. Uh-huh. Sibili. Huh! Lokho kuphikisana akulunganga. Hatshi. Kawungeke ukwenze. Hatshi, mnumzana. UNkulunkulu uma leLizwi Lakhe. Loba nguphi omunye umuntu uzakuma leLizwi Lakhe, nxa ethembekile. Kulungile.

²⁰¹ Babecabanga, ngoba babelobungane! Manje, lapha, sizangena, okwesikhatshana nje, ezindabeni zikahulumende. Isizwe sethu silandule iLizwi likaNkulunkulu, njengalokho uIsrayeli akwenzayo. Balandula iLizwi likaNkulunkulu, labantu babo, abapristi babo, labaprofethi, lokunjalo, baprofetha okuhle kubo. Futhi baya. . . Kuyini esingakwenza kodwa ukuprofetha okubi, ngoba kuphambene leLizwi! Ulahliwe. “Esethu esikhulu, isizwe esithandekayo, esisekelwe phezu kwe. . . isehlakalo sabokhokho bethu.” Khona-ke ubuyeke kulokho ababelakho. Uh-huh. Kuqondile. Qiniso.

²⁰² UIsrayeli wayeyisizwe esikhulu. Khangela okhokho babo, kodwa uNkulunkulu kazange abazwele usizi. Lowo mprofethi omdala olekhanda elilempabanga wayephosela iLizwi kubo, futhi kwenzakala khona kanye nje ngendlela ayikhulumayo. Bala imbali yakho lapha futhi ufumane uba kungaqondanga. Kwagcwaliseka khona kanye ngendlela ayikhulumayo. Futhi wabalahla, kukanti, bona bemile lapho, futhi abapristi abangcwele begqoke izembatho ezingcwele, befafaza *lokhu*; futhi wayengeke ahambise isandla, *lindlela* kumbe *leyondlela*, ngoba kwakungenye into *lindlela*, umkhuba kumbe enye into.

²⁰³ UJesu wathi, “Lingabakayihlo, udeveli, njalo lemisebenzi yakhe lizayenza.” BaMthatha futhi baMlahla, futhi bamlengisa esihlahleni, futhi baMbulala. Yikho kanye. UNkulunkulu Wamvusa njalo. Yebo, mnumzana.

²⁰⁴ Hatshi, babengeke. Sasingasoze sikholwe uAmosi lamuhla, ngitsho lakancinyane. Futhi lamuhla senze ubungane. Silalokhu esikubiza lamuhla. . . Sicabanga ukuthi yi “kuvuma,” kukaNkulunkulu ngoba izinhlanganisano zethu ziyanda futhi—futhi yonke into ihamba ngendlela okuyiyo. Sicabanga ukuthi yi “kuvuma” kukaNkulunkulu phezu kwakho. Liyazi, bajoyina, ngiyakholwa, phose ezimbili kumbe ezintathu ezinye izigidi zamaProtestanti. Futhi amaKatolika adlule ezithile izigidi ezinengi. Bona? Bacabanga ukuthi lokho yikuvuma kukaNkulunkulu, ngabo ukuba ngamaKatolika. AmaProtestanti acabanga ukuthi yikuvuma kukaNkulunkulu, bona bengamaProtestanti. Huh! Ngumbhedo. Yizinto ezilungiselelwe ukubhujiswa. Yimilotha yama-athomu. Lulaka lukaNkulunkulu lusakhiwa, ukudubuka. Kunjalo sibili.

Ngilaleleni. Ngizalitshela iLizwi leNkosi. Amen.

²⁰⁵ Sikhangele. Khangela umhlaba lamuhla. Khangela isizwe sethu. Sijoyinane le U.N. Kuyini okukiyo? Iqembu labangela bunkulunkulu. Futhi thina, singelasibindi sokungavumeli

ngitsho umkhuleko unikelwe ngaphambi kokuba imihlangano yethu iqale.

206 Kangibalanga nje lapha, “Ababili bangahamba njani ngaphandle bavumelane? UNkulunkulu kenzi lutho ngaphandle Akwambule ezincekwini Zakhe, abaprofethi. Ababili bangahamba njani ngaphandle bavumelane?”

207 Lapho, silama Mohammedan, amaBuddha, abangakholwayo, abangela bunkulunkulu, abazifunela okwabo, lokunye konke, phakathi kwakho. Ucabanga—ucabanga ukuthi uNkulunkulu angahlala entweni enjengaleyo?

208 “Awu,” uthi, “lokho awu, sisebunganeni labo. Silokuvikelwa konke okuvela eNtshonalanga.”

209 Babelezizwe zonke zibazingelezele, ekuvikeleni. Kodwa lowo mprofethi wathi, “UNkulunkulu uzalibhubhisa. UNkulunkulu uqobo elimkhonzayo uzalibhubhisa, ngobuwula benu.” Wayengakhuluma into efanayo lokhu kusa. Wayezakhuza, kusukela eWhite House kusiya khona phansi epulazini elihawulayo. Ngeqiniso wayengakwenza. Wayebakhalimela, ngeLizwi likaNkulunkulu. Ngeqiniso wayengakwenza. Yiyo indlela yomprofethi weqiniso.

210 “Sikhangeleni, amabandla. O, silibandla elikhulu elingcwele iRoma Katolika!” Lakhulunywa, eBhayibhili, ukuba yisiFEBE.

211 “Singabokhokho babobaba, amabandla amaProtestanti, wonke ebanjaniswe ndawonye, futhi babizwa i...ibizwa ngokuthi iKhansili yamaBandla oMhlaba.” Amawule esiFEBE, iBhayibhili latsho. Yikho kanye lokho eLakutshoyo. Uh-huh. Futhi kunjalo sicabanga, “Futhi manje wonke amabandla ahamba ndawonye.”

212 UMnu. Collins, umngane wami, umfowethu ovela eCalifornia, kumbe, eArizona lapho. Eyakho cu-...eyakho... Pete, [UMfowethu Neville uthi, “Elmer.”—Mhl.] Elmer. Ngathi, “Awu, ngicabanga lihamba kwelinye ibandla elihle lamaMethodisti.”

213 Wathi, “Ngaphuma kulo lapho bejoyina leyoKhansili yamaBandla phezulu lapho.”

214 Ngathi, “UNkulunkulu akubusise. Ususondela eMbusweni, mfowethu.” Uh-huh. Yebo, mnumzana.

215 Inkolo eyize, ethembela phezu kwenhlanganiso labantu, futhi lemfundiso yabo enziwe ngumuntu, futhi betshiya iLizwi likaNkulunkulu. Esikufunayo ngumprofethi lamuhla, akhalimele ngaleloLizwi phakathi lapho. Kunjalo sibili. Yebo.

216 Bona, bathatha ukulondeka phakathi kwabo. “O, sajoyina. Thina, amaPhentekhostali, sibili, siyajoyina iKhansili yamaBandla oMhlaba, ngoba phakathi lapho silobudlelwano. Sizabanqoba.” Njengomfazi esiya okunathelwa khona utshwala,

ukuyadakwa lendoda yakhe, ukuze amlethe kuNkulunkulu. Kanjalo njengendoda ihamba lomfazi lezinsuku, okunathelwa khona utshwala, ukuyadakwa ukumletha kuNkulunkulu. Umbhedo! Hlala khatshana lendawo kadeveli.

²¹⁷ Lapho into ilandula iLizwi lelo, ngiphikisana layo. Lokho kungenza ngimelane lenhlanganiso yonke, ngoba iphikisana leLizwi. Kufanele kwenze lonke ikholwa lizwe ngaleyondlela. Huh!

“Awu,” bathi, “kodwa, khumbula, sile . . .”

²¹⁸ Ngilesiqephu esikhulu ephepheni, omunye umuntu wangithumela eArizona, ukuthi kanjani lukhokho u*Sibani-bani*, ngolunye usuku, wathi, “UPapa John wesiMatshumi Mabili laMbili,” kumbe loba yini abambiza ngakho, “wayele . . . Uyindoda elungileyo. Nguye kuphela umuntu owake wakhuluma ngokubambanisa amabandla, amaKatolika lamaProtestanti, ndawonye.” Wathi, “Kungeke kuze ensukwini zethu, kodwa, iminyaka elandelayo elitshumi lanhlanu kumbe amatshumi amabili, kuzakuba lapha.”

²¹⁹ Ngacabanga, “Mfana, wena ungukhokho, uyaprofetha, futhi ungakwazi.”

²²⁰ “Isikhathi sesiphelile ukwedlula esikucabangayo.” Umfo owangibhalelayo, wabhala phezu kwepheji, “Isikhathi sesiphelile ukwedlula esikucabangayo.” Wayelalela amathephu, laye. Yebo, mnumzana. Wathi, “Isikhathi sesiphelile ukwedlula esikucabangayo.” Wathi, “Mfowethu Branham, awuzange ukutsho lokhu, iminyaka edluleyo?”

²²¹ Ngathi, “Sibili.” Yebo, mnumzana. Kuyeza ukuba kugcwaliseke, ngoba yiLizwi leNkosi. Kufanele kubenjalo. Sibili. Yebo.

²²² Bathi, “Awu, lukhokho ongcwele, awucabangi ukuthi kufanele azi okwedlula lokho?” Hatshi, mnumzana. Nxa elandula iLizwi likaNkulunkulu, khangelala Kulo njengalokho, angeke.

²²³ Angilandaba ngopapa abangaki, abaprofethi, lokunye lokho olakho phakathi kwenu. Nxa ungekho eLizwini, uphumile eLizwini. Kunjalo. UNkulunkulu wayengabusisa kanjani into enjalo, ingqe bephika iLizwi likaNkulunkulu uqobo? Engabusisa kanjani ulutho ngaphandle kweLizwi Lakhe, into ephambene leLizwi Lakhe? EngaLilandula kanjani?

²²⁴ Ungabusisa kanjani imvukuzane ekudlayo? Ungabusisa kanjani i-i-intambo yamagetsi oyibambileyo, uthi, “O, ngibambe futhi ungitshise”? Lokho kungaba yibuhlanya.

²²⁵ UNkulunkulu engabusisa kanjani into ephikisana leLizwi Lakhe? Ngakho buyela eLizwini! Uh-huh.

²²⁶ Lina qembu labatshumayeli, njengezinja ezinkulu, uhlupho bani ngani? Liphuma phandle lapha futhi lithengise ubuzibulo

ngokudla, ukugibela uphakathi kweCadillac kumbe enye into, kumbe enye into enkulu, indlu enkulu ephakemeyo kwenye indawo, futhi ibandla elikhulu elibiza isigidi samadola. Futhi lazo zonke lezo izinto njengalokho, futhi uthengise ubuzibulo bakho, futhi ulenhloni lokwesaba ukutshumayela iLizwi likaNkulunkulu ebandleni lakho. Uthi, awulanhloni ngawe? Futhi uzibize ngokuthi inceku, umprofethi kaNkulunkulu, uthengisa ubuzibulo bakho okokudla komhlaba. Kuyini ozakucacada? Okufanayo njengalokho uEsawu akwenzayo. O, kuyisinengiso esinganani!

227 O, hatshi! UNkulunkulu ongwele olinda iLizwi Lakhe, ukuliqinisa, angeke abusise into emelana leLizwi Lakhe. Manje lalalani. Ngiyazi ngiyaphuza kancinyazane nje, futhi ngingabe ngilikhama okokufa. Kodwa, khangela, ngifuna ukulibuzisa enye into. Angenza kanjani uNkulunkulu ongwele, Owakhuluma iLizwi Lakhe futhi wathi, “Manje, konke amazulu lomhlaba kuzakwedlula, kodwa Lokho akuyikwedlula, ngitsho iLizwi elilodwa Lakho,” manje Engathatha kanjani into ephikisana laLokho futhi ayibusise? Angakwenza kanjani? Khangela. Uyafakaza, Ngokwakhe. Uyaqinisa iLizwi Lakhe. Utsho lokho okulungileyo, hatshi ngobulunga.

228 Khangela uMowabhi. UMowabhi wayeleLizwi Lakhe, laye, uMowabhi. UIsrayeli wayeleLizwi Lakhe; futhi uMowabhi wayelesimo sobunkulunkulu, leLizwi Lakhe. Banikela imihlatshelo eyisikhombisa, inkabi ezihlanzekileyo, phezu kwama altare ayisikhombisa; inombolo epheleleyo, umhlatshelo opheleleyo. Khona-ke, ngaphandle kwalokho, wathatha inqama eziyisikhombisa, kukhuluma ukuthi babekholwa ekubuyeni kweNdodana kaNkulunkulu, futhi bazinikela phezulu lapho, lobhishopu wabo omkhulu. Zonke izikhulu zabo, bonke abapristi babo labapristi abakhulu, yonke enye into, yama lamakhosi ayo labomongameli, lani okunye, futhi banikela lokhu nje ngokwezenkolo njengalokho abangaba yikho, bemelene loIsrayeli.

229 Futhi kwakuloIsrayeli phansi lapho, iqembu elincinyane labahlamuki, lakhangeleka kanjalo. Kodwa kuyini okwakuloIsrayeli? UNkulunkulu wayesemkhankasweni wabo. WayeZitshengisa, ukuthi Wayelabo. Bona?

230 Kungelani okhokho abanengi ababengaba labo, opapa, kumbe loba yini okunye, UNkulunkulu angeke abe labo aze AZitshengise ukuba labo. Futhi ingqe kuphela bekhathana leLizwi Lakhe, futhi bephika iLizwi Lakhe, Angaba labo kanjani? Kungelazibonakaliso zikaNkulunkulu ophilayo phakathi kwabo.

231 UNkulunkulu angaba kanjani phakathi kweU.N., lapho ababili bengeke bahamba bengazange bavumelane?

232 Manje, khangelani lapha. Kule Church of Christ, ezitshoyo, ehlanganiswe lamaPhentekhostali. IPhentekhosti ithi bayakholwa ekukhulumeni ngendimi. Bakholwa ebufakazini bukaMoya oNgwele, ukukhuluma ngendimi. Bathi bayakholwa kulokhu, lokho, lokunye. Bakholwa yizibonakaliso lezimanga. I-Church of Christ iyabahleka, yathi, “Lina qembu labangaziyo! Lezo kwakuyizinsuku ezedlulayo.” Ababili bangahamba bonke kanyekanye ngaphandle bavumelane? Futhi bahlanganiswe ndawonye. Kuyini abakwenzayo? Badinga ukulondolozeka omunye komunye. Phansi laleyonto!

233 Ukuvikeleka kwami kukuKhristu laseLizwini Lakhe, ngoba iLizwi Lakhe Nguye. Kunjalo.

Akula zibonakaliso zikaNkulunkulu ophilayo, ngitsho lakancinyane.

234 Yikho lokho uJesu akutshoyo, “Nxa Ngingenzi iLizwi libonakale, khona-ke lingaKukholwa. Nxa uNkulunkulu engakhulumi futhi aprofithe Ngami, futhi akhulume Ngami futhi enze Ngami nje lokho uMesiya afanele ukukwenza, khona-ke lingaNgikhholwa.”

235 Khona-ke, umfo ukhuluma ukuthi ungumprofethi othunywe evela kuNkulunkulu, futhi alandule iLizwi? UNkulunkulu abe lesihawu entweni enjalo! UNkulunkulu angenza kanjani okunjalo?

236 Wothini ngibuze, ngibuze, lokhu kungabe kumanje. A—angikwazi lapho engizakhuluma khona lani njalo. Lokho kuzakuba kuNkulunkulu. Ngiyabuthela nje uKudla, njengalokho Angitshela khona kulowombono ngalesosikhathi, ngiKufaka emafatshini.

237 Ungangibuza, “UAmosi wayengabona ngaphambili kanjani lokho okwakuzakwenzakala kubo?” Ngani, kwakukhangeleka kukuhle.

238 Khangela. Manje khangelani lapha. Manje, lalelisani manje. Ngoba, Lokhu konke kusethephini, futhi Kuyahamba, Kuzahamba umhlaba jikelele. Bona? Manje kanjani... Khangelani lapha.

239 KwakuloIsrayeli. Amaseminari abo ayesesimweni esingcono kulalokho ake abayikho. Akulamuntu obakhathazayo. Babelenkolo zabo. Akula muntu owathi, “Alingeke likhonze uJehova.” “Qhubekelani phambili,” kwatsho izizwe zamahedeni, “khonzani. Silesivumelwano, omunye lomunye.”

